


IZWI ELINGAQONDAKALIYO

 Ngiyabonga, Mfowethu.

² Asibe silokhu simile, umzuzwana nje, ngomkhuleko, singakhothamisa amakhanda ethu. Ngabe kuzoba khona isicelo manje na? Phakamisa isandla sakho, futhi uNkulunkulu uzokubona, ngiqinisekile. Enhliziyweni yakho nje uthi, “Ngikhumbule, Nkosi, nginesithize, *esinjalo* . . .”

³ Baba wethu waseZulwini, siyabonga kuWe njengoba sisondele esiHlalweni saKho somusa ngokubonga enhliziyweni yethu, esindisa ingunaphakade imiphefumulo yethu ezindaweni ezilahlekile zabalahlweyo. Futhi siyaKubonga ukuthi, ngomusa kaNkulunkulu, singabantwana baKho, kulobubusuku.

⁴ Ngikhulekela ngasinye salezizicelo, Baba. Isandla sami siphakeme naso, Nkulunkulu, kuWe, nginesicelo. Isicelo sami siwukuthi, Baba, kulobubusuku, ukwenza kwaziwe, njengoba benza esabo saziwe, ngendlela yabo uqobo yokukhuleka, Nkulunkulu, esami ukuthi Uzosindisa wonke umphefumulo olahlekile phakathi lapha, kulobubusuku, ukuthi Uzophulukisa wonke umuntu ogulayo, ukuthi Uzogcwalisa lonke ikholwa ngoMoya oNgcwele.

⁵ Woza kithi, Nkosi Jesu, siyaKudinga, silindele Wena. Futhi njengoba siqhubeka silinda, siyazinikela ezandleni zaKho, yenza ngathi njengoba Ubona kufanele. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

⁶ Ningahlala phansi. Kukhona . . . Ngijabula kakhulu ukubuya futhi, kulobubusuku, ebandleni nokuba senkonzweni yeNkosi uNkulunkulu, futhi sithemba ukuthi lobu kuzoba ubusuku iNkosi ezothola ngayo udumo nganoma yikuphi ukuhlangana kwethu, kulobubusuku. Wathi, “IZwi laMi aliyikubuyela liMi lilambatha, Lizofeza lokho eLahloselwa khona,” futhi siyazi Lizokwenza lokho.

⁷ Umelusi ubengitshela nje ngentombazane encane ehlezi emuva *lapha*, yayisemhlanganweni ngobusuku obufanayo indodakazi kaMfowethu Bryant Mitchell kanye nomkhwenyana wakwakhe abizwa ngabo. Futhi le ntombazanyana yabizwa ezithamelini ino, uhlobo oluthile lokuqubuka ebusweni bayo, yaphulukiswa khona manjalo futhi isaphila. Ngikholwa ukuthi intombazanyana ihlezi . . . Ingabe nguwe lowo na? Ya. Ngicabanga ukuthi umfakazisile. Sukuma, S’thandwa, uma uthanda. Akuyona leyo, intombazanyana ebukeya inomoya omuhle na? Akukho ukuqubuka ebusweni bayo manje, ngenxa yokuthi—ukuthi uJesu Kristu wayiphilisa. Sijabule kakhulu ngalokho.

⁸ Futhi manje, angifuni ukunigcina kade kunehora lokuqala nqo, uma ngingakwazi ukukwenza. Akukubi yini lokho na? Ngixoleleni. Qhabo, angisho “Ngixoleleni,” qhabo, lokho akulungile, niyabo, ngoba angikaze ngisho lutho okwamanje engake ngacabanga ukuthi bekufanele ngisekele kukho, ngoba ngizamile ukukusho ngenhliziyo yami yonke, kuvela eZwini. Futhi ngi—ngiyakwenza... Ngiyaxolisa ukuthi ngihlukumeza abantu abaningi.

⁹ Umfowethu othandekayo uvukile ukuzongibona kulentambama, futhi kusesekuseni ngangena emkhulekweni, futhi unkosikazi wangena ngokunyanya, emnyango lapho engangikhona, futhi akazange angibize, futhi wabuyela emuva futhi wantshela ukuthi ngangisemkhulekweni, wabuya futhi emva kwesikhashana, futhi akazange afike. Futhi ngangikhathazekile kancane, ngacabanga ukuthi ubeyo... ngokuqinisekile uyoqonda. Futhi ngamtshela, “Ubufanele ngabe ungibizile empeleni, ngenkathi omunye wabazalwane eshaya ucingo.” Kodwa ngokuvamile bavele bangiyeke, ngoba ngezinye izikhathi imibono iyenzeka lapho, futhi ngiyazi ukuthi kuzokwenzekani ngaphambi kokuba ngize ngifike ebandleni. Niyabo? Izikhathi eziningi kwenzeka lapho.

¹⁰ Ngibheka indoda njengamanje, umngane wami omuhle, uBanks Wood. Lapho umfana wakhe uDavid... UMfowethu Wood, lapho, wayenguFakazi kaJehova, usonkontileka, futhi waletha umfana wakhe emhlanganweni. Futhi ubone intombazane ngobunye ubusuku... Niyazi, uFakazi kaJehova uthi ukuba ngomelene nokuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Futhi wehla, yena nomkakhe, waye... wayengoweFirst Church Of God, i-Anderson Movement Church Of God, okuthile ngokohlelo lwebandla lamaMethodisti, futhi behlela emhlanganweni eLouisville, lapho esasinawo ehholo elikhulu, endlini yasensimini.

¹¹ Futhi kwakukhona intombazane eyaphenduka itshe, angazi ukuthi yini i—igama lakho lezokwelapha manje, kodwa yayisesimweni esesabekayo, yayingakwazi ukusuka okhalweni lwayo kwehle. Emahoreni ambalwa emva kokuba isikhulekelwe, yagijima yehla yenyuka ezitebhisini nakho konke, kahle nje.

¹² Ngakho, babenomfana owayenovendle, futhi umfana wayene... Ukukhubazeka kwezinsana kwase kufinyeze umlenze wakhe phezulu. Futhi ngaya phesheya kwezilwandle emva kwalokho, noma, qhabo, baya eHouston, eTexas, akangenanga. Futhi babelapho ngobusuku iNgelosi yeNkosi, isithombe esathathwa.

¹³ Futhi empeleni, lezo zithombe zikhona manje, nezincwadi namateyipu, lobu ubusuku bokugcina bokuwathola emhlanganweni, ngoba asithengisi ngeSonto. Futhi ngakho-ke senze inqubomgomo yokuthi singalokothi sidayise ngeSonto,

ungabanika i-oda lakho, futhi bangakuthumela lona, kodwa ngeke siwathengise.

14 NoMnu. Wood waletha. . . noMnu. Wood waletha umfana wabo wamkhuphulela e, angisoze ngayikhumbula leyondawo e-Ohio ngasechibini lapho, eColumbus, ngikholwa ukuthi kwakuyiyo, e-Ohio. Ngabe kunjalo, Mfowethu Banks na? Kwakuyi. . . ? ECleveland, eCleveland, eCleveland, e-Ohio.

15 Futhi ngaphambi kokuba ngifike esakhiweni ngalobobusuku, ngangiphezulu le, cishe izitezi eziyishumi, ngangihlezi phezulu lapho ngikhala, UMnu. Baxter weza kimi, nonke niyamazi uMfowethu Ern Baxter, ngiqagele, ubelapha nami ekugcineni, umfowethu okahle kakhulu, futhi wakhuphuka, ngase ngithi, “Yini engenza ngibe nokungahlaliseki emoyeni na?”

Wathi, “Ungaphatheki kabi,” wathi, wathi, “amadoda amakhulu aze azizwe ngisho kanjalo.” Lokho kwangenza ngazizwa ngingcono ngalesosikhathi.

16 Ngakho ngalobobusuku ngenkathi sehla, ngibone umfana omncane egqoke ijezi eliphuzi, okufana nejezi elinofozelayo elincane, owayenovendle, umlenze wakhe ufinyekele phezulu, futhi waphulukiswa. Ngangilokhu ngibuka izethameli, futhi angizange ngibabone. Futhi ekugcineni, ngikholwa ukuthi indlela okwakuyiyo, uMoya oNgcwele wababiza, emuva le ngemuva kwesakhiwo, futhi ndawana-thile ngemuva kwetende, kwakulapho, futhi umfana waphulukiswa khona lapho.

17 Indoda yawuyeka umsebenzi wayo wokwenza inkontileka, yathutha waya ngale, uhlala eduze kwami manje. Futhi bonke abantu bakhe, cishe bonke, abafundi koFakazi bakaJehova, ngamunye wabo usephenduke amaKristu agcwaliswe ngoMoya oNgcwele.

18 David, angifuni ukwenza isivimba sokugqolozela ngawe. Ingabe ukhona kulobobusuku, David? Sukuma. Lowo mfana ushadile futhi unabantwana abathi ababe babili. Lapho, impela, ehlezi lapho emva kukayise ngqo. Kwakukhona umfana owayekhuzekile enovendle futhi waphiliswa.

19 Ngiyamkhumbula umfowabo, angisoze ngakukhohlwa, ungixolele, Mfowethu Banks. Umfowabo, indoda enhle, futhi. . . kodwa bathi ukumxosha ekhaya uMfowethu Banks ngokushesha nje esemukele uMoya oNgcwele. Bacabanga ukuthi waphumela ekugcineni kokujula, impela.

20 Ngakho, manje, uma kukhona uFakazi kaJehova lapha, akukho kunganaki, niyabo, ngisho nakancane, ngiyayihlonipha yonke inkolelo yomuntu. Kunjalo. Kodwa lapho, niyabo, kungenzeka ukuthi uNkulunkulu uzokubiza. Uzobona indlela yeNkosi iphelele kakhulu.

21 Ngakho lendoda yangena, futhi yayithe ukuphatheka kabi, niyazi, kuBanks, futhi yeza nyene indoda kanye naye, futhi ngakho-ke yayifuna ukwazi ukuthi kwakungubani lowaka.

Wathi, “Uphandle *lapho* egunda utshani.”

22 Futhi benifanele ningibone lapho ngiphumule ngempela, intshebe ithi ayibe yinde *kangako*, nesigqoko esidala esidonsele phansi. Futhi ngani, ngashumayela nomfo iminyaka emibili noma emithathu, futhi ngahlangana naye ohambweni lokuyozingela, wathi, “Mnumzane, ungangitshela ukuthi ngingamtholaphi uMfundisi Branham, phezulu lapha na?”

Ngathi, “Ngikholwa ukuthi ngingakwazi.”

23 Awu, lapha esikhathini esingeside esedlule iCadillac enkulukazi yama emnyango, niyazi, yase ithi... Futhi ngangingamadevu, futhi ngingcolile, futhi ngangiwasha amafasitela ngaphandle, futhi indoda yathi, “Unjani, Mnumzane?” Yathi, “Ungangitshela ukuthi uphi uMfundisi Branham manje na?”

Ngathi, “Lowo ngumkakhe khona *lapho*, ungahle umbuze.”

Futhi wathi nje ukudedeleka. Wangibuka, wayengazi ukuthi athini.

Wathi... Yona... Yena... Kwenzeka nje ukuthi wathi, “Ukuphi umhlangano wakhe olandelayo na?”

Futhi wayitshela, wase ehamba, wathi, “O, Bill!”

Ngase ngithi...

24 Ngakho umfowabo wathi... Ngangihlezi lapho, noMoya oNgewele wathi, “Uyindoda eshadile, washiya umkakhe, unabantwana ababili.” Ngasho lokho kuye.

25 Futhi wabheka ngale kuBanks, sengathi uthi Banks wangitshela. Niyabo, lowo ngumfowabo lapha. Ngakubambe ngokushesha lokho. Amadoda nje, awakuqondi lokho. Ngani, kusobala, Uyakwembula, niyabo. Hlala emagunjini...

26 Izikhathi eziningi ngiye ngabiza abantu ababengabagxeki. Ngezinye izikhathi... Awufuni ukwenza lokho, nokho. Ngakwenza lokho ngesinye isikhathi, umfundisi, egxeka kakhulu, futhi ngambiza, ngamtshela, ngathi, “Kungani wazwe *lokhu*, *nalokho*, *nokuthile*.” He, walahlekelwa ingxenyane yebandla lakhe, yonke enye into. Ngakho lokho—lokho akukuhle. Uyabona, ngivele ngikugcine kimi, ngikuyeke kuhambe.

27 Kodwa, nokho, ngimi lapho ngakubamba lokho, kwakungekhona ululimaza ukumtshela, ngihlezi lapho ngalesosikhathi, ngathi, “Kulungile, ungahle ucabange ukuthi uBanks wangitshela lokho. Kodwa kuthiwani ngobusuku bakuthangi ngenkathi unowesifazane, ubenezinwele ezibomvana na? Ubuvallelwe naye ekamelweni, futhi

indoda yangqongqoza emnyango, futhi awuzange nihambe, ulunguze ngefasitela. Yinto enhle, ubuzodutshulwa ekhanda lakho.” Kwamqeda lokho. Kunjalo. Wayazi-ke ukuthi kwakungenjalo . . . UBanks akazange akusho lokho.

²⁸ Kwase-ke kukhuphuka uyise, owayengomunye wabafundi, wayezongiqondisa ngempela emBhalweni. Angizange ngisho lutho kuye, sasiyothatha uhambo lokudoba ngakusasa, iNkosi yakhuluma kimi, yathi, “Mtshela zonke izinto ezizokwenzeka, ncamashi nje okuzokwenzeka, zingaki izinhlanzi ezizobanjwa, ubani ozozibamba nakho konke, kubuywe.”

²⁹ Ngamtshela lokho, ngimbonile ebuka ngale, ethi ukuxaka, kuBanks, wabheka emuva, futhi wacabanga, “Umbhedo.” Kodwa ngalolusuku nangabo lobobusuku konke kwenzeka ngokuphelele ncamashi.

Futhi lapho, ngosuku olulandelayo, ngibuya, ngathi, “Awu, Mnu. Wood?”

³⁰ Wathi, “Awu,” ukhuluma ngendlela ethi ukuxaka, wathi, “noma yimuphi umuntu angabona izinhlanzi ngaphambi kokuba azibambe, futhi abize okwazo . . . ababize,” wathi, “Ngicabanga ukuthi konke kulungile.” Futhi ngakho manje, usindisiwe futhi ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele.

³¹ Ngolunye usuku sasihlezi, uLyle, umfowabo, nami ngangisezansi lapho sidoba, eminyakeni ethi ayibe mibili edlule, noma emithathu. Nomfanyana wami, ngaphambi kokuba ngihambe . . . Asiwathandi amakati ekhaya lethu. Manje, uma unawo, kulungile lokho, angikhulumi ngokumelene ngokatshana wakho manje, kodwa angizithandi izinto, ngakho, nomainja yasendlini, angikwazi ukukumela. Ukunikeze uthando lwengane, futhi uhlele umndeni, futhi unikeze lolo thando kwendadlana,inja enamafinyila. He! Ngani, kuyi—kuyihlazo. Yiqiniso lelo. Uxolo ngaleyo nkulumo. Lokho ngukuthi . . . angifuni . . . Uyazi ukuthi ngikhuluma ngani nokho lapho ngikusho.

³² Kwabe sekufika intombazanyana yami futhi yathi, “O, Babayi, kwenzeke into embi.” Yathi, “Othile ulahle ikati bandla,” yena kanye nenye intombazanyana ezansi nomgwaqo, futhi wathi, “lidla ubuthi.” Wathi, “Into bandla izofa, awukwazi—awukwazi ukulivumela ukuthi lingene isikhashana na?”

³³ Ngathi, “Likuphi ikati?” Wahamba wathatha ikati, ngalibuka, ngathi, “Hamba uyolanda ibhokisi,” futhi kusobala, ngakusasa ekuseni saba nesigejane semithinyane.

³⁴ Futhi ngakho-ke ngosuku olulandelayo . . . Ngakho umfana wami omncane, omncane . . . ungumfana wonke, wayephethe owodwa ngesandla *kanje*, umfo omncanyanyana, wayesewuqathaza, nomfo omncane wavele waphenduka waphenduka. Ngakuzonda kabi kakhulu lokho, ngacabanga

ukuthi uwubulele, ngawubuyisela ngawubeka. Ikatshana bandla, wayengakwazi ukuzisiza ngokuba yikati. Ngakho-ke, waqala ukugingqika.

³⁵ Okulandelayo, sasiyodoba ngalobo busuku. Futhi ngakusasa ngangibamba inhlanzi i-sunfishi ukuze ngicuphe ngayo (Niyazi ukuthi inhlanzi isunfishi ziyini, ibhrimi elincane, niyibiza kanjalo lapha, ngiyacabanga, ukucupha osingeni.), ezansi le eKentucky ezansi kwethu, cishe amamayela ayikhulu namashumi amabili. Futhi ngangihlezi lapho, noMoya oNgcwele wasondela, wangena esikebheni esasikuso, Wathi, “Uzothola ukuvuka kokuphila ngaso lesa sikhathi.”

³⁶ Ngaphenduka futhi ngasho lokho kuMfowethu Banks, ehlezi khona lapho. Uma kwake kwaba khona indoda elungile, eneqiniso, eqotho, lowo nguye nomndeni wakhe. Futhi Wathi, “Ucabanga ukuthi kuzoba yini?”

³⁷ Ngathi, “Kungase kube yileliya kati eliqathazwe uJoseph. Lapho siya ekhaya kusasa, lowo mthinyane, mhlasimbe. . .” Mina. . . Niyizwile indaba yenyamazane i-ophezamu, nokunye nokunye, kwakukwi *Business Men*, nokunye nokunye. Ngakho ngathi, “Mhlasimbe yilokho.”

³⁸ Ngalobo busuku asibambanga nhlanzi. Ngakusasa ekuseni sasi. . . sasingenayo nhlobo inhlanzi, ngakho-ke sangena engoxeni. . . cishe kancane emva kwemini, ukubamba ibhrimi elikhulu, futhi ngangikhiphe usinga lokudoba.

³⁹ Umfowabo, uLyle, wayenathi, wayesanda kusindiswa emavikini ambalwa ngaphambi kwalokho. Futhi wayenehhuku elikhulu elide, futhi wafaka umsundu, futhi wayenosinga olukhulu olushiwa emanzini, futhi elubambe phansi *kanje*, induku yokudoba. Futhi ibhrimi elincane bandla lwalugwinya lwehlela esiswini salo, esikhundleni sokuthi ayilihlize, elidonsa eliphakamisa, ukuze alifakele lube isicupho, ngani, wa-waliyeka lakugwinya kwathi ngqu phansi.

⁴⁰ Wathi, “Manje, buka lapho ukuthi leyonto yenzeni.” Futhi wavele wabamba ibhrimi elincane ngesandla esisodwa, wazungeza usinga kwelinye, futhi wavele wadonsa isisu, izimbobo zokuphefumula, nakho konke ngaphandle, waliphonsa emanzini. Kwakuyibhrimi elidadlana elithi alibe *kanjalo*. Futhi laqhasha kane noma kahlanu, nezigwedlo zalo ezincane zavuleka zaqonda, futhi lafela emanzi, Futhi ngakho, walibheka, wathi, “Mfo omncane, ufike kwelamanqamu.” Leyo yinkulumbo endala yaseningizimu. Bangaki abake bakuzwa na? Nonke nina baseningizimu nikuzwile, anizange na?

⁴¹ Ngakho, futhi lalilele lapho, lantanta ngalapho cishe isigamu sehora. Futhi ngangi. . . Ngathi, “Lyle, unehhuku elikhulu kakhulu, Mfowethu.” Ngathi, “Vele uphonsa ihhuku lakho ngenombolo encanyana ishumi nambili, uma ungalithola lapho.

Futhi ngokushesha nje izinhlanzi. . .” ukusho ukuthi uwacupha kanjani lawo ibhrimu elincane.

Wathi, “O, ngingumfana wasemaphandleni.” Wathi, “Le yindlela owenza ngayo,” kanjalo.

⁴² Futhi ngahlala lapho cishe isigamu sehora, nenhlanzi encane yafa, yantanta yonke indawo emanzini, futhi yantanta yabuyela kweminye iminduze, khona ngqo kokufana nengoxe encane nje.

⁴³ Ngangihlezi lapho, ngokuphazima kweso. . .Kusezintabeni lapho i-Wolf River igcwele khona, futhi benza i—idamu lapho lokuphehla ugesi ngamanzi. Futhi yi. . .Ngigagele kukhona amamayela ayikhulu namashumi amahlanu amanzi, ngaphakathi nangaphandle kwalezi zintaba. NoMoya weNkosi, njengomsindo omkhulu womoya, weza uvunguza wehla ngqo, wangena esikebheni, wathi, “Sukuma.” Wathi, “Khuluma naleyo nhlanzi encane, izokwamukela ukuphila kwayo.”

⁴⁴ Nakho kulele leyonhlanzi encane, ilele lapho ifile phezu kwamanzi isigamu sehora, ngathi, “Nhlanzi encane, uJesu Kristu ukunika impilo yakho. EGameni likaJesu Kristu, kunjalo.” Futhi kungakapheli ngisho lokho, inhlanzi encane yaphenduka *kanjalo*, yathi *ruti*, yabhukuda yaphumela emanzini. Manje, nali iBhayibheli phambi kwami, uNkulunkulu unguMahluleli wami, uMfowethu Banks unguFakazi.

ULyle wavele waquleka, cishe impela, esikebheni, wathi, “Lokho kwakusho mina, ngoba ngithe kuleyo nhlanzi encane ‘Ufike kwelamanqamu.’”

Futhi ngathi, “Qhabo.”

⁴⁵ UMfowethu Banks ejabule kakhulu, wathi, “Ngizizwa njengoPetru: ‘Asakhe amadokodo amathathu futhi sihlale lapha.’” Wathi, “Lokhu kuhle.” Wase-ke eqala ukukhuluma ngokuthi bangaki abantu emhlabeni jikelele abangathanda ukuhlala lapho, futhi bebone lokho. Futhi wathi, “Cabanga ngathi,” wathi, “UFakazi kaJehova, bese-ke uNkulunkulu esidonsela eceleni ngapha, futhi sibone zonke lezizinto esizibonile kuleliviki. Futhi lento lapha yenzeka, ukukuzwa kuprofethwa izolo, nakhu kwenzeka namuhla,” futhi kanjalo.

⁴⁶ Ngathi, “Qhabo, bekungesikho lokho. Lokho nje kubonisa umusa waKhe.” Ngathi, “Buka, ohlwini lwami ekhaya nginabantwana abakhonkobele amalunga omzimba okungenani abangamashumi amathathu noma amashumi amane, ngibakhulekela.” Futhi ngathi, “Ngine, angazi ukuthi lungaki udaba lomdlavuza, befa. Kunabantu abalele emahhotela, mina ngilinde ukubona ukuthi iNkosi izothini. Futhi nangu Eza ngapha futhi engitshela ngenhlanzi encane.”

⁴⁷ Niyabo, kukhombisa ukuthi UsenguNkulunkulu. Kwakukhona izinkulungwane zochoko zilele ezinsukwini zeNkosi uJesu, kwakukhona abakhubazekile, izinyonga,

izishosha, izimpumpithe, nabahluphekileyo, futhi nokho uNkulunkulu wasebenzisa amandla aKhe ukuqalekisa umuthi. Isihlahla sabuna ngePhimbo leNkosi uJesu, ukubakhombisa nje ukuthi—ukuthi Ukhathalela imithi yaKhe, izinhlanzi zaKhe, Ukhathalele konke; kukhombisa ukuthi Wazi konke, futhi Wenza konke kahle. Ziningi kakhulu izinto ezingashiwo.

⁴⁸ Ngibona omunye womngane wami, ngibona uNkk. Ungren ehlezi lapho, bengingazi ukuthi ubusemhlanganweni, futhi ngifundile namhlanje ukuthi uMfowethu Myers noDadewethu Myers, ubelapha. Bakuphi bona na? Mina . . . Uyazi, Mfowethu Myers, usube mncane, bengingakwazi, Dadewethu Myers. Labobantu basuka le eNashville, eTennessee, enhla lapha emhlanganweni.

⁴⁹ Bengingazi kuze kube namuhla ukuthi ubusemhlanganweni, ngisanda kukwazi namuhla. Ingabe ubulokhu ukhona na? Awu, angizange . . . bengingakwazi. Bengicabanga ukuthi urnamezala wakho nodadewabo kamyeni wakho babuyele ekhaya bevela komunye umhlangano, futhi lapha ngiyababona kulobubusuku, ngabheka laphaya, futhi ngathi, “Ulapha ndawana thize.” Ngakho, bengingambona.

⁵⁰ INashville endala, iyidolobha elikhulu, inobufakazi obuningi obuhle. Ngabe nginesikhathi somunye futhi ovela eNashville na? [Umfowethu uthi, “Impela.”—Umhl.] Kulungile? Uyangixolela. Bengiphuma eDallas. Le nto eyodwa ibambebele eNashville, kimi, futhi lokho bekuwukuthi, into eyodwa, ngabiza umshumayeli ophuma eNashville, ngesinye isikhathi eJonesboro, owayehlala ngaphandle ngqo kwaseNashville lapho, ngithe ukukweqa kusukela ngalesosikhathi. Abaningi benu bazalwane be-United Pentecostal nimazi kahle impela, umfowethu okahle. Kodwa wayehlezi lapho engakholwa, futhi ngabiza igama lakhe kukho. Niyabo? Futhi . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ngingakaze ngimbone empilweni yami. [Akuqoshwanga eteyipini.] . . . izinto kanye . . . [Akuqoshwanga eteyipini.] . . . kubi ngempela. Futhi ngakho nga—ngakumisa khona-ke. KwakukwaMfowethu Reed eJonesboro, lapho indoda eyabizwa khona.

⁵¹ Kodwa ngiyakhumbula ngobunye ubusuku ngangivela eMemphis, ngindiza ngendiza ngiza ekhaya, futhi bathola isiphapho enhla, futhi bangimisa eMemphis, sekuyiminyaka edlule. Futhi iMemphis itholakala ngqo eMfuleni iMississippi, njengoba sazi sonke. Futhi ngakho bangithumela phezulu lapho kulelohhotela elidumile, iPeabody Hhotela, futhi ngacabanga, “Mfana, ngesinye isikhathi ngizoba yisicukuthwane, ngihlala kulelohhotela.”

⁵² Ngakho bangibiza ngemva kwesikhashana bathi, “Awu, konke kuzolunga,” kade cishe ngehora leshumi. Bathi,

“Zilungiselele, sizo...Indiza ihamba ekuseni ngehora lesikhombisa nqo.”

“Ngiyabonga, Mnumzane.”

Bathi, “Lungela, ilimozini, iyakulanda.”

“Kulungile, Mnumzane.”

⁵³ Abanye abanangi babesehhotela lapho ngalobobusuku. Ngakho ngahlala kwaze kwaba ihora leshumi nambili nqo, ngibhalela abahlukahlukene izincwadi, futhi ngikhuleka futhi...phezu kwezicelo enganginazo, ngiphendula iposi lami engangilifake emaphaketheni ngiqhubeka nomhlangano.

⁵⁴ Ngakusasa ekuseni ngavuka kusesekuseni kakhulu, futhi ngacabanga, “Awu, ngehora lesithupha ngqo ngikhulwa ukuthi ngizophuma ngiyothola ibhokisi leposi, futhi ngilithumele,” niyazi, ngilifake lapho.

⁵⁵ Ngakho-ke, ngaphumela kuleli bhokisi, futhi ngacabanga ukuthi ngizolithola. Ngehla ngomgwaqo, ngaqala ngehla ngomgwaqo, futhi lapho ngehla ngomgwaqo izindlela ezincane, ngaqala ukuwela umgwaqo lapho kwakukhona iphoyisa elikhulu lase-Ireland limi qecelele lapho, futhi lalishaya ikhwela, futhi abantu babewela. Futhi iNto ethize yathi kimi, “Buyela emuva ngenye indlela.”

⁵⁶ Uyakholwa ukuthi abantwana bakaNkulunkulu baholwa nguMoya kaNkulunkulu na? Ngifuna nje ukukuzwa usho lokho, ukuze ngiqedele indaba. Yiqiniso lelo. Futhi Usebenza kuzo zombili iziphetho zomugqa, niyabo, njalo wenza amakhona aKhe ahlngane. Futhi ngacabanga, “Awu, mhlawumbe Lokho bekuyimina nje ngicabanga lokho,” kodwa Kuzwakala sengathi iPhimbo lingitshelile.

⁵⁷ Kwakukhona isitolo sezimpahla zezemidlalo lapho, nendlela engikuthanda ngayo ukudoba nokuzingela, ngavele ngaphakama efasiteleni lesitolo sezimpahla zezemidlalo, futhi ngangiqalaza lapho ukuze ngibone ukuthi angizange ngidonse ukunaka kwaleli phoyisa elikhulu, mhlawumbe liyongigijimisela ekhoni. Futhi ngasukuma lapha ngase ngiqalaza, akekho owayengibhekile, ngathi, “Baba waseZulwini, bekunguWe lowo na? Angifuni ukuKugeja, Baba. BekunguWe lowo na?”

NePhimbo elicace bha njengoba ningizwa, lathi, “Jika ubuyele emuva.”

⁵⁸ Awu, ngaphenduka ngaqala ngabuyela emuva, futhi ngahamba ngahamba, ngaze ngawelela ngaphesheya ngase ngifika ezansi engxenyeni yamakhaladi, ezansi le ngasemfuleni. Ngehla ngaleyondlela, futhi kwakusekuseni okuhle, ngabheka phezu, Bengiyobe sengihambile khona-ke, ngaphezu kwehora, ngacabanga, “Ngani, indiza isihambile!”

59 Kodwa Okuthile kwakulokhu kuthi, “Qhubeka nokuhamba.” Futhi ngimazi ngokwanele uNkulunkulu, qhubeka nje wenza lokho Akutshela khona, kwenze. Ungabi, usebenzise ukucabanga kwakho siqu, yenza lokho Akutshela khona, kwenze, yiba ulokhu uhamba. Ngavele ngaqhubeka nokuhamba, ngihamba, ngehla phakathi kwalapho okwakukhona khona abantu abangamakhaladi, indlu encane endala ezansi lapho, ngase ngibuka. . . Ngangihamba ngicula leluculo elincane nina bantu bePentecostal enanivame ukulicula ngaso sonke isikhathi. Ake sibone, ngi—ngilicula kanye ngankathi, ngizame ukulithola, okuthize ngokuthi:

Babebuthene ekamelweni eliphezulu,
Bonke bekhuleka eGameni laKhe,
Babhaphathizwa ngoMoya oNgcwele,
Kwasekufika amandla okukhonza; (Uke
wakuzwa lokho na?)
Akwenzela bona ngalolosuku
Uzonenzela okufanayo,
Ngiyajabula ukuthi ngingasho ukuthi
ngingomunye wabo.

Ngangisanda kulifunda, futhi ngangehla ngithi:

Omunye wabo, omunye wabo, (*Nkosi, Ufuna
ngenzeni na? Niyabo?*)
Ngiyajabula kakhulu ukuthi ngingathi
ngingomunye wabo.

60 Futhi uMoya oNgcwele ulokhu uthi, “Qhubeka, qhubeka.” Uyazi ukuthi uholwa kanjani nguMoya. Ngangilokhu ngiqhubeka nje ngehla ngomgwaqo ngicula, niyazi, futhi ngicula.

61 Ngemva kwesikhashana ngabheka, ogaxele phezu kothango olucakiwe, umjondolo omncane ngemuva kwalo, kwakukhona u-Anti Jemima uqobo omdala, emi lapho ebophe ihembe lendoda ekhanda, izihlathi ezinkulu ezikhuluphele, ngavele ngayeka ukucala, kwakuthi akube ibanga ukufika emnyango, ngavele ngaqala ukuqhubeka ngihamba ngehla ngomgwaqo.

Lapho ngidlula, wathi, “Sawubona, Mfundisi.”

Awu, ngacabanga, “Awume kancane.” Manje, *mfundisi*, lokho kusho “umshumayeli” eningizimu. Niyabo?

“Sawubona, Mfundisi.”

62 Futhi ngaphenduka, ngathi, “Sawubona, Anti.” Indlela evamile leyo esithatha ngayo amakhaladi ezansi lapho, “Sawubona, Anti.” Ngangi. . . Wayehleka, izinyembezi ezinkulu zigeze ezihlathini zakhe ezinkulu ezimnyama, kubukeka njengeNgelosi kimi, emi lapho ebuka, wathi. . .

Ngathi, “Awusho, kambe, wazi kanjani ukuthi bengingumfundisi na?”

Wathi, “Bengazi ukuthi ubunguye,” wathi, “okuwukuphela kwento, ubufanele ube nepotimende esandleni sakho.”

Ngathi, “Ngilishiyile enhla *lapho*, ngase ngivele ngifaka izincwadi ekhwapheni lami.” Ngacabanga, “A-o!” Ngama.

Wayesethi, “Bengazi ukuthi ubuza.” Wathi, “Ubunaleso sigqoko eceleni kwekhanda lakho, futhi ubukeka umpunga, ugqoke lezosudi empunga.”

Ngathi, “Yebo, Memu.”

Wathi, “Wake wayifunda yini indaba eBhayibhelini ngowesifazane waseShunemi?”

Ngathi, “Yebo, Memu, ngiyifundile.” Ngakhuphuka ngasondela othangweni.

⁶³ Wathi, “Bengiyilohlobo lowesifazane. Ngangingenabo abantwana, kodwa ngingowesifazane ogezayo, kodwa mina nomyeni wami singamaKristu.” Wayesethi, “Nga—ngakhuleka iminyaka emibili ukuba iNkosi ingiphe umntwana.” Futhi wathi, “Ngethembisa iNkosi uma Inganginika umntwana, ngiyomkhulisa ukuze ngiYihloniphe.” Wayesethi, “Ngolunye usuku umfanyana othandekayo wazalwa ekhaya lethu.”

⁶⁴ Wathi, “Mfundisi, ngamkhulisa ngokwazi kwami konke ukuba akhonze iNkosi, kodwa waphumela phakathi kweqembu elibi, futhi wathatha isifo samasoka,” ugcunsula, futhi wathi, “futhi besingasazi, singumndeni wamaKristu, besingasazi.” Futhi wathi, “Asikaze nje... Futhi akazange acabange lutho ngakho,” futhi wathi, “kwangena enhliziyweni yakhe.” Futhi wathi, “Udokotela oyindoda uthi angeke aphile,” futhi wathi, “izingxenye ezithile zenzliziyo yakhe ayisekho.” Futhi wathi, “Simnika zonke izinhlobo zemijovo. Futhi ubequlekile manje, lolu wusuku lwesithathu.” Wayesethi, “Mfundisi, ulele phakathi *lapho* efa.” Futhi wathi, “Ubengakazi lutho manje, lolu usuku lwesithathu.”

⁶⁵ Futhi wathi, “Izolo ebusuku ngikhuleke ubusuku bonke.” Wathi, “Ngikhulekile, iNkosi, Unginika lomntwana njengoba Wenza kowesifazane waseShunemi, kodwa uphi u-Elisha waKho na?” Futhi wathi, “Ngilalile, futhi ngiphuphe iphupho ukuthi ngibone indoda iza, futhi ibifake isigqoko esincane esimpunga, nesudi empunga.” Futhi wathi, “Bengilokhu ngimi kuleli sango kusukela ngaphambi kokusa kulokhu ukusa, ngilinde wena ukuthi wehle ngomgwaqo.”

⁶⁶ UNkulunkulu uphendula kuzo zombili iziphetho zomugqa. Ngambuka, ngambambatha emhlane. Wayeswakeme ngokuma lapho. Ngambuka kancanyana, wayesethi, “Ngeke ungene na?” Futhi ngangena, isango elidala elineqhuzo lokulima elilenga kulo ukuze kube nesisingo sokulidonsela emuva ndawonye.

⁶⁷ Lapho evula u—umnyango iqhugwane elincane elisobala, iqhugwane elivamile nje elinombhede omdala wensimbi

(Bangaki abaziyo ukuthi iyini, umbhede omdadlalana wensimbi?), futhi kungekho-mata kwiphansi, owaseningizimu uqobo, kodwa wayenophawu olulenga emnyango, “UNkulunkulu abusise ikhaya lethu.”

⁶⁸ Ngibe sezigidlweni zamakhosi, ngakhulekela uKing George waseNgilandi, niyazi, lapho aphulukiswa khona ekuqinini kwemithambo okuninginingi, ngakhulekela amanye amakhosi, amakhosi anamandla, amakhosi, ngibe kwamanye amakhaya amahle kunawo onke eMelika, kodwa angizange ngizizwe ngamukelekile ngendlela engamukeleka ngayo khona lapho, leyondlu encane ehluhwa yizipoki yekhaladi ngalokho kusa.

⁶⁹ Ngabuka, olele lapho phezu kombhede, futhi kwakukhona omkhulu kakhulu, umfana omuhle, wayebukeka cishe engamaphawundi ayikhulu namashumi ayisikhombisa noma amashumi ayisishiyagalombili, engamafidi ayisithupha ubude. Futhi wayenengubo yokulala, encane, njengengubo yokulala eyishidi encane esandleni sakhe, futhi wayethi, “Aaa, aaa!” Wayelokhu ekhononda ngokuba “mnyama,” wathi, “kumnyama phakathi lapha.”

Ngathi, “Uyakhuluma.”

⁷⁰ Wathi, “Ubelokhu esho lokho izinsuku ezimbili.” Wathi, “Ucabanga ukuthi uphumele olwandle ndawana thize, futhi ulahlekile esikebheni, futhi akayitholi indlela ebuyela emuva.” Wathi, “Mfundisi, yonke inhliziyayo yami, uma nje ngingamuzwa ethi usindisiwe, usengaqhubeka ahambe khona-ke.”

Ngathi, “Anti,” ngathi, “igama lami nginguBranham, ngikhulekela abagulayo. Wake wezwa ngenkonzo yami na?”

Wathi, “Qhabo, mnumzane, Mfundisi Branham, angikaze ngizwe ngawe.” Wathi, “Ngiyaxolisa.”

Ngathi, “Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angamphulukisa umfana na?”

Wayengakukhathalele ngisho, wayefuna ukuthi asindiswe. Wayemfuna ukuze ahlngane naye ngaLeya.

⁷¹ Futhi ngathi, “Kulungile, asikhuleke.” Futhi sehlela phansi eceleni kombhede, ngezwa izinyawo zakhe. Manje, zazizwakala zibanda, zinamfuka, angazi, niyabo. Ngase ngehlela eceleni kombhede ukuba ngikhuleke, ngase ngithi, “Anti, kunganjani wena ukhuleka kuqala na?”

⁷² Ngizwe imikhuleko eminingi, ngiyanitshela ngenkathi lowo ongcewele omdala eqala ukukhuluma noNkulunkulu, wazi ukuthi wake wakhuluma naYe ngaphambili. Umkhuleko awusho kulowo...kuNkulunkulu ngalokho kusa, wathi, “Nkosi, Uyazi bengihlala ngiKuhlonipha, ngiKuthandile, ngisebenzile, ngikwenzele Wena konke lokhu, hhayi njengoba kufanele, Nkosi, kodwa uma nje ngingezwa umfana wami ethi usindisiwe!” Wasukuma.

⁷³ Angishongo lutho, ngavela ngambuka nje, angikaze ngikhuleke, ngavele ngambuka nje. Wasukuma, wadonsa isembozo phezu kwakhe futhi, wayegqoke okufana nje nesikhinjana sangaphansi esincane, wase emanga esiphongweni wathi, “UNkulunkulu abusise ingane kaMama.”

⁷⁴ Ngavele ngama lapho, ngiguqe ngamadolo, njalo, ezinyaweni zombhede, ngibuka, ngibambe izinyawo zakhe, futhi ngacabanga, “Kunjalo. Akunandaba ukuthi ulethe ihlazo elingakanani, ukuthi mkhulu kangakanani, noma kuthiwani ngakho, ukuthi singakanani isifo samasoka, nokuthi wenzeni emndenini, umama akakwazi ukukhohlwa ingane yakhe.”

⁷⁵ Futhi ngacabanga, “Uma umama engeke wakhohlwa ingane yakhe esancela! UJesu wathi, ‘Angeke ngikukhohlwe, ngokuba igama lakho liqoshwe ezintendeni zezandla zaMi.’ Lunjani uthando lukaNkulunkulu! Noma ngabe senzeni lapho...” Ngakubheka lokho, inhliziyo yami iyophuka cishe. Futhi ngathi, “Manje, sizokhuleka, Anti, nami ngizokhuleka.”

⁷⁶ Wathi, “Ngiyabonga, Mfundisi,” futhi wehla futhi, wasonga izandla zakhe, wayesebeka ikhanda lakhe phansi phezu komfana, ngambamba izinyawo zakhe. Wayelokhu eqhubeka “Aaa! Kumnyama, kumnyama phakathi lapha.”

⁷⁷ Futhi ngathi, “Baba waseZulwini, manje ngileyithi ngamahora amabili ukusuka endizeni yami, kodwa ngilalele iZwi laKho kuphela. Impela lena yindawo, angazi ukuthi iyiphi enye, iyona ndawo kuphela engiyitholile. Futhi angazi lutho ngalomfana nangowesifazane, kodwa Ungiholele ngapha ngendlela engaqondakali. Futhi uthe kade ekhuleka, futhi ubone ephusheni kulokhu ukusa, mina ngiza kuye. Ngakho into engaziyo ukuthi ngiyenze kuphela ukuthi ngime futhi ngikhulekele lomfana ompofu. Akakhathalele ekuphulukisweni kwakhe, kodwa ufuna ukuthi asindiswe. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu...”

⁷⁸ Futhi cishe ngalesosikhathi, wathi, “A, Mama. Sekuyakhanya ekamelweni.” Imizuzu embalwa wayesehlezi eceleni kombhede, ekhuluma nathi.

⁷⁹ Ngasuka, ngaqhweba itekisi, futhi ngase ngileyithi ngamahora amathathu ngendiza yami ngalesosikhathi, yi, o, mhlawumbe ngaphezu kwalokho, kwase kuthi akugamenxe ihora lesishiyagalolunye. Ngatshela umshayeli, ngathi, “Ngiyise ngale esikhumulweni sezindiza.” Ngaphuthelwa yikho konke, ngadlula lapho ngase ngithatha ipotimende lami nezinto, ngaqhubeka ngaya ngale. Futhi kwathi nje ngisangena esangweni, kwathi, “Kubizwa okukugcina kwendiza engu-23 eya e-Louisville, eKentucky.”

⁸⁰ Into yakho ukuthi, cabanga, ukukholwa okulula kwalokho, uxolo, mngane wami oyikhaladi, ukukholwa okulula kwalowo

wesifazane oyikhaladi ongazilutho kwamisa leyondiza, futhi kwayibamba lapho.

⁸¹ Cishe eminyakeni emibili kamuva ngangiya ePhoenix. Ngaphuma ngesitimela, futhi niyazi, esitimeleni kufanele ukhokhe imali engaka ngalawomasemishi amadala, futhi lisikiwe liwugqinsi nje kuphela...cishe lizace kangaka, linohlangothi olulodwa kuphela kulo, futhi cishe amasenti angamashumi amahlanu ngesemishi. Angikwazanga ukukumela lokho, licebe kakhulu kimi.

⁸² Ngakho sama eMemphis, uma wazi, ungena uvela empumalanga uya entshonalanga. Isitimela sama lapho ukuze sishintshe ikhanda. Kwase kuthi-ke lapho sesimile, kwakukhona isitende samahembhega laphaya, futhi ngagxuma ngaphuma futhi ngaqala ukugijima ngehla ngidabula lapho ukuze ngiyozitholela isaka eligcwele amahembhega, kwanele ukungigcina ngize ngifike ePhoenix. Uwathola cishe ngamasenti ayishumi lilinye lapho, lokho kwakungcono kunasesitimeleni.

Ngakho-ke ngagijima ngaya ngale ukuyozitholela isaka lamahembhega, ngase ngizwa othile ethi, "Sawubona lapho, Mfundisi Branham!"

Ngabuka laphaya, nakho kwakumi ikepisi elincane elibomvu lapho, ngathi, "Sawubona, Sonny," ngaqala phansi.

Wathi, "Awungazi na?"

⁸³ Ngabheka emuva, futhi ngacabanga ukuthi mhlawumbe ngingahle ukuba ngamtshela ngasese ngesinye isikhathi noma okuthize, ngacabanga, "Qha, angikaze ngingene lapha." Ngathi, "Qhabo, angikhulwa ukuthi ngiyakwazi."

⁸⁴ Wathi, "Uyakhumbula cishe eminyakeni emibili edlule, wawusezansi lapha?" Futhi wathi, "Wena uza ngapha, endlini yami ngokunye ukusa, futhi iNkosi yakuholela laphaya, futhi wangikhulekela futhi ngangilele ngifa?"

Ngathi, "Awuyena umfana!"

Wathi, "Yebo, mina uye." Wathi, "Mina—mina—mina—mina—mina—mina uphulukisiwe, futhi mina sindisiwe manje, Mfundisi Branham." O, he! "Sindisiwe manje, Mfundisi Branham."

⁸⁵ "Umusa omangalisayo, umsindo omnandi kangaka!" Bengingama kanjani lapha amahora! Sengiba yikhehla manje. Ngineminyaka engamashumi amathathu nanye enkonzweni, ngijikeleza umhlaba, izindawo nezinto, ngithathe nje imihlangano futhi ngifakaze, kodwa, o, awu.

⁸⁶ Lapho sesi—lapho sesiwela ngaphesheya kolunye uhlangothi, ngifuna isikhathi esinqunyelwe sokubonana ngamunye ngamunye wenu, ngifuna ukuhlala phansi iminyaka eyinkulungwane ngamunye wenu. Ngeke sibe naso isikhathi esincane lapho sonke siqeda kunangesikhathi siqala, niyabo.

Uvele uhlale phansi ukhulume ngento ngayinye. Ngeke yini kube kuhle kakhulu lapho sesihlangana lapho na? INkosi ibusise.

⁸⁷ Manje, bangane, asibona abahambi nezihambi kanye nani nonke, singabahambi nezihambi emhlabeni.

⁸⁸ Manje, kukhona abanye abantu lapha abayizivakashi ezivela ngaphandle kwedolobha. Manje, kusasa yiSonto, ngeke nginicine isikhathi eside kakhulu, kulobubusuku. Angikhathali ukuthi uphuthelwe umsebenzi wosuku, kodwa ungaphuthelwa uSonto sikole, nganoma yini oyenzayo. Ufanele uye kuSonto sikole.

⁸⁹ Manje, kunamabandla amahle lapha. Leli ngelinye labo, nalaba belusi emuva lapha ngamadoda anamabandla axhasa lomhlangano. Bamele leliVangeli, bame lapha. Bona. . . Uma bengakwenzanga, bebezophuma emsamo. Kunjalo. Futhi bami lapha njengamadoda kaNkulunkulu akholwayo futhi axhasa lomhlangano. Banamabandla lapha, mhlawumbe awebandla lakho uqobo lehlelo, futhi ba—balapha. Bangajabula ukuba nawe, futhi ngineqiniso ukuthi bazonisiza, ukuba nihambe niyozwa kusasa. Ngizokwenza lokho kusasa ekuseni ngoSonto sikole.

⁹⁰ Futhi kusasa ntambama izinkonzo zizobuyela lapha etabernakele, noma, ebandleni. Uxolo, ngilokhu ngithi “itabernakele.” I. . .Awu, itabernakele yindawo yokuhlangana. Kunjalo. Ngakho limelela itabernakele ehlane. Futhi ngakho—ngakho si—silindele ukunibona lapha kusasa ntambama. Ngasiphi isikhathi na? Ihora lesibili nqo, kumbe into enjalo, elesibili kumbe elesibili ligamenxe kusasa ntambama. Manje, qiniseka ukuthamela uSonto sikole.

⁹¹ Futhi ngifuna ukunitshela okuthize: Kuyisono ukuthumela abantwana bakho kuSonto sikole. Uyakwazi lokho. Kuyisono ukubathumela, ufanele ubathathe. Bathathe ngaso sonke isikhathi, uyabo. Nawe hamba.

⁹² Ngibone umdwebo kapopayi omncane ephepheni kungekudala: IMelika Yesimanje. Kwakukhona umama nobaba belele lapho, namabhodlela kabhiya namathini kubekwe kwiphansi lonke, nosikilidi ushunqa kwiphansi, nezinto ezinjalo. Ciske ngehora lesishiyagalolunye nqo, umfana omncane wayesevele evukile, wahlamba ubuso bakhe, futhi wagqoka, engqongqoza emnyango, wathi, “Ubani ozongiyisa kuSonto sikole na?” Kunjalo. Kungaleyondlela. UNkulunkulu abe nomusa.

⁹³ Bangane, ngi. . .Ungase ucabange ukuthi nginonya, kodwa angiqondile ukuba njalo. Mina. . .Isono sivele singidwengule ngibe yizicucu. Lapho ngibona, kungena ngesinyelela eBandleni lami, o, he, nginomona ngaleliBandla. Ngi—nginomona. Kunjalo. UNkulunkulu wangibizela kuleliBandla. Ngi—ngingahle. . . Ucabanga ukuthi ngilimaze imizwa yakho, ngethemba ukuthi

angikwenzi, ngithemba ukuthi uyaqonda. Ngethemba ukuthi uMoya oNgcwele uzokwenza wena wazi, ngo—ngokuzwakala kwephimbo engikufuna ngayo, ngazi kukho. Niyabo? Kholwa nje. UNkulunkulu akubusise. Ake sikhulume noMlobi manje ngaphambi kokuvula iZwi.

⁹⁴ Baba wethu waseZulwini, sisize kulobubusuku, manje. Lobubufakazi, ukuthi besingama kanjani nje, futhi lapho sifika laphaya futhi sibone uDaniyeli, futhi o, ngifuna ukuma iminyaka eyinkulungwane futhi ngimlalele nje! Ngifuna ukubona uMathewu, uMarku, uLuka, uJohane, uPawulu, uBarnaba, o, ngifuna ukubabona bonke, kodwa ngaphezu kwakho konke, ngifuna ukubona uJesu.

⁹⁵ Futhi ngenkathi sima lapho, lapho iziNgelosi zikanisa zizungeza lomhlaba namakhanda ekhotheme futhi zisizwe sicula amaculo okuhlangwa, azazi ukuthi sikhuluma ngani, azikaze zilahleke, kwakungadingeki ukuba zihlangwe. Kepha lapho siYithwesa umqhele iNkosi yenkosi, noMbusi wombusi, futhi sihlabelela amahubo aseSiyoni, “Sihlangwe ngeGazi leWundlu,” kuyoba yisikhathi esinjani! Siyalilangazelela lelohora.

⁹⁶ Sibusise kulobubusuku. Siza ekuhlanganyeleni ngaseZwini laKho, Nkosi. Sisize manje, futhi ugcobe iZwi. Kwangathi Lingaphuma njengeNkemba, futhi lisoke izwe lonke lisuke kithi. Ngokuba siyazi ukuthi abantwana bakaNkulunkulu basokiwe enhliziyweni nezindlebe ngoMoya oNgcwele. Sikhulekela ukuthi Uzosoka inhliziyweni nezindlebe zami, kulobubusuku, asoke yonke inhliziyweni nendlebe lapha, kulobubusuku, ukuze singahle, ngokuzwa, sizwe; ekuboneni, sibone; ekuqondeni, siqonde, futhi sisindiswe futhi siphulukiswe ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu. Sicela eGameni likaJesu. Amen.

⁹⁷ [Umfowethu uthi, “Mfowethu Branham, kukhona ucingo oluphuthumayo. Ngingakumemezela na?—Umhl.] Yebo. [“Ucingo oluphuthumayo lukaMelusi Wall, uma ezobuyela ehhovisi, ngiyacela.”]

⁹⁸ Uma kungukugula, kumemezele emsamo, Melusi, kumemezele lapha kithi, sizokhuleka masinyane. Ngenkathi esahambile. . .Asazi. . .Yisimo esiphuthumayo, kufanele kube yinto ethize. . .[Umfowethu uthi, “Lena yindoda efayo, ebandleni lakhe, embizayo. Singahle simkhulekele.”—Umhl.]

O, yebo, indoda egula ngempela, isesimweni sokufa, ebandleni lakhe. Melusi Wall, uNkulunkulu ambusise. Asikhothamise amakhanda ethu.

⁹⁹ Baba wethu waseZulwini, lomelusi onomusa manje, oya ocingweni ukuze ezwe omunye webandla lakhe eshaya ucingo. Baba waseZulwini, akungabazeki ukuthi lowo melusi manje uyakhumbula ukuthi amahora nokubizela e-altare, nezinto ayenzile, ethemba manje ukuthi konke kuhamba kahle. Akuyona

into embi, lapho sesilungele ukuhamba, Nkosi, kuyamangalisa, “Kuyigugu emehlweni eNkosi ukufa kwabangcwele baKhe.”

¹⁰⁰ Manje, Baba, uma kungenzeka, mgcine, ungeke Wena, Nkosi, ngenkonzo kulobubusuku na? Makube ngesinye isikhathi, uma isikhathi sendoda sibizwa, ayiphile isikhashana kade, Nkosi, empendulweni yomkhuleko nje. Siphe khona, Baba.

¹⁰¹ Duduza izinhliziyi zalabo abambhekayo. Masikhumbule, Nkosi, ukuthi imizimba yethu ibuthakathaka, siluthuli, sibuyela othulini. Kodwa masikhumbule uMdali wethu manje kuyilapho sisenengqondo yethu elungile futhi singakwazi ukuza e-altare siswangulukile nangengqondo ehluzekile futhi samukele uKristu njengoMsindisi wethu. Busisa uMfowethu Wall, Nkosi. Ngiyamkhulekela, futhi ngikhulekela lowo ofayo. NgeGama likaJesu. Amen.

¹⁰² NginemiBhalo ethile nezingqikithi lapha engingathanda ukukhuluma ngazo imizuzwana embalwa nje. Niyangizwa kahle lapha na? Lokho kuhle. Ngifuna niphenye nami okokufundwa komBhalo manje.

¹⁰³ Futhi ngifuna ukumemezela, futhi, nge. . . inkonzo enkulu yokuphulukisa kusasa futhi. Ninga—ningathanda enye inkonzo yokuphulukisa kusasa na? Bangaki abangavuma na? Sifuna ukwenza lokho nje iNkosi ethanda ukuba sikwenze manje. Nasebandleni. . . Bangaki phezulu kuvulandi abasesitezi ocabanga ukuthi sifanele sibe nenkonzo enkulu yokuphulukisa kusasa, sikhulekele abagulayo na? Asazi ngokuphulukisa, lokho kungokukaNkulunkulu.

¹⁰⁴ Kulungile. Ngizothumela uBilly ezansi ukuba anikeze amakhadi omkhuleko ntambama, ngaphambi nje kwe. . . Wena uthi, seligamenxe elesibili kuyaqala? Awu, uzobe elapha kugamenxe ihora lokuqala khona-ke, noma ikota yehora lesibili, noma into enjalo, ukuze akwazi ukunikeza amakhadi ngaphambi kokuba sikhulekele abagulayo. Kulungile.

¹⁰⁵ Manje, kwabaseKorinte bokuQala isahluko se 14, ivesi le 8, ngifisa ukufunda lokhu okwengqikithi:

*Ngokuba uma icilongo linikeza izwi
elingaqondakaliyo, siyakuzilungiselela ukulwa na?*

¹⁰⁶ Ngizoshumayela ngendaba, noma, ngikhulume imizuzu embalwa ngendaba ethi *Izwi Elingaqondakaliyo*.

¹⁰⁷ Manje, siphila osukwini lokungaqondakali. Isikhathi esingaqondakaliyo. Futhi ngifuna ukukubuza okuthize. Futhi njengoba thina. . . Ngizama ukufundisa, umzuzwana nje, futhi ngibhekisele kulezizingqikithi ukuthi. . . lapha, nemiBhalo, Ngithanda ukukubuza. . . Noma yini engaqondakaliyo angeke yathenjwa. Uma ingaqondakali, angeke uyethembe. UPawulu wathi lapha, “Uma icilongo likhala ngezwi elingaqondakaliyo, siyakuzilungiselela kanjani impi na?”

¹⁰⁸ Manje, ukungaqondakali. Akukaze kube khona isikhathi lapho izinto zazingaqondakali njenganamuhla. Futhi noma yini engaqondakaliyo angeke yathenjwa. Kukhumbule nje lokho. Noma yini engaqondakali angeke yathenjwa. Uma kukhona umbuzo, ungakwenzi nhlobo.

¹⁰⁹ Inenekazi liza kimi, esikhathini esingeside esedlule, owesifazane ophuma ebandleni lami uqobo, intombazane encane. Futhi yathi kimi...Bakhiphe uhlobo oluthile lwemfashini mayelana namantombazane agqoke iziketi ezingamapeketwane, noma okuthize okukhombisa uphisi omuncane ngenhla, onqanywe *kanje*, eyayigqoke i... ezikhombise isiketi sabo sangaphansi. Futhi wathi, “Mfowethu Branham, ucabanga ukuthi akulungile ngathi thina mantombazane angamaKristu ukugqoka iziketi ezingamapeketwane na?”

Ngathi, “Kungani ungibuza lokho?”

Wathi, “Bengizibuza nje.”

¹¹⁰ Ngathi, “Uma kungumbuzo engqondweni yakho, ungakwenzi.” Ngathi, “Uma kungumbuzo, kuyeke, awukwazi ukuqiniseka. Gqoka ngendlela owazi ngayo ukuthi uqinisekile.” Niyabo? “Ungathathi noma iyiphi ishansi.”

¹¹¹ Futhi ngathi, “Empeleni, kungaba yini i. . .” Ngathi, “Yini—yini isiketi esingamapeketwane na?” Ngangingazi ukuthi yayikhuluma ngani, futhi yangitshela ukuthi sasiyini, ngase ngathi, “Yini emhlabeni intombazane engumKristu engathanda ukuyibonisela isiketi sayo sangaphansi na? Angikwazi ukukuqonda.” Niyabo, niyabo? Kunjalo. A—angikwazi nje ukukufaka lokho engqondweni yami. Akuwenzi umqondo kimi. UKristu ungukuphila kwethu. Kulungile.

Manje, kodwa uma kukhona umbuzo...Kuza amadoda, athi, “Ucabanga ukuthi akulungile ukubhema na?”

¹¹² “Ubuzelani ngakho na? Uma kungumbuzo engqondweni yakho, kuyeke.” Ngoba noma yini ongayenzi ngokukholwa iyisono. Kunjalo. Kufanele kube ngokukholwa. Ngakho ungabhema kanjani futhi ube nokukholwa na? Niyabo? Ku...Khona ngqo kunembeza wakho uqobo, kukhombisa ukuthi unephutha. Ngakho-ke uma kungaqondakali, kungcono ukushiye kodwa, ngoba lokho kungaba yinto eyodwa ekugcina ungaphandle eMbusweni kaNkulunkulu.

“O,” wena uthi, “Mfowethu Branham, into eyodwa encane kanjalo na?”

Into eyodwa encane kanjalo izokwenza, ukungawuhloniphi nje umyalo owodwa kaNkulunkulu. Ukungahlonipho okukodwa okuncane, umyalo owodwa, kwabangela ukugula konke.

¹¹³ Futhi bhokani, uJesus wathi emBhalweni waKhe uQobo eNtshumayelweni yaKhe, “Khumbula umkaLoti.” Manje,

wayenezaba eziningi kakhulu kunalokho esinakho namuhla, senza izinto esizenzayo. Abantwana balowo wesifazane nabazukulu babesha eMililweni yesihogo othunyelwe phansi uvela kuNkulunkulu. Futhi into bandla, iklabalasa futhi ikhala ikhuphukela lapho, futhi wamane waphenduka ukuze abuke emuva, futhi waphenduka insika kasawoti, futhi umi lapho nanamuhla, futhi uJesu wathi, “Khumbula umkaLoti.” Sifanele sigcine lonke iZwi likaNkulunkulu. Niyabo? Into eyodwa encane nje!

¹¹⁴ Yingakho ngezinye izikhathi abantu bacabanga ngi—ngi—ngibaphatha ngesidlova abantu, ngibathethisa, akusikho ukuthi anginithandi, yingoba ngiyanithanda. Ukuba—ke umfana wakho omncane ubehlezi phandle emgwaqeni, futhi uthe, “Junior, s’thandwa, ngi—ngi—ngi. . . Awufanele uhlaele phezulu lapho. Ubabayi akafuni. . .”? Kungcono umhlubule isikhumba, uma umthanda. Mgcine engekho kulowo mgwaqo. Uthando lwangempela luyalungisa, uthando loqobo luyalungisa.

¹¹⁵ Ukuba—ke umkakho ubegijima nenye indoda, bese uthi, “S’thandwa, nge—ngethemba ukuthi unesikhathi esimnandi, kodwa emeleni angicabangi ukuthi ufanele ukwenze”? Ufanele akhahlele *wena* uphume ngomnyango. Kunjalo. Ya. Uthando lwangempela luyalungisa. Futhi lokho kunjalo.

¹¹⁶ Manje, ukungaqiniseki. Ikhaya laseMelika, namuhla, aliqondakali. Indoda ishada unkosikazi, impela ku—kuyinkinga, impela kunjalo, noma owesifazane eshada nendoda, impela kuyinto engaqondakali. Baze bakungenisa e—emcimbini womshado manje, “Ngimthathela okuhle noma okubi.” Kunombuzo kukho, okungaqondakali. Kuhle ukukhulekisisa ngakho, awucabangi kunjalo na? Cabanga ukuthi lokho kungaba ngcono kakhulu, khulekisisa. Kodwa akuqondakali.

¹¹⁷ Imizi ibhidlikile, ukuphinda ukushada, njalo njalo ngaso sonke isikhathi. Ukungaqiniseki ngempilo yasekhaya. IMelika ihola umhlaba ngamacala esehlukaniso somshado, kuwo wonke umhlaba, iMelika iyakuhola.

¹¹⁸ Ibhizinisi, ukungaqiniseki ebhizinisini. Awazi ukuthi uqale ibhizinisi noma qha. Kunokuncintisana okuningi, kunonngi kakhulu konke, awazi ukuthi uqale noma qha. Kuthi ukungabazeka.

¹¹⁹ Futhi enye into impilo yesizwe. Asazi noma silakhe ikhaya noma qha, lingase liqhunyiswe ngaphambi kokusa, awukwazi ukusho. IRashiya imi lapho, bane—isigejane semicibisholo ibekiwe. Into kuphela. . . Abadingi ibutho, indoda eyodwa nje enogologo omningana ukudonsa intambo, futhi siya othulini. Akunandlela. . . Unakho kubekwe yonke indawo. Yilokho kuphela.

¹²⁰ Futhi khumbulani, sibabekele khona ngendlela efanayo, futhi zonke iziqhingi ezincane nazo zonke izizwe ezincane

zinakho. Akusadingeki balwe ezinye izimpi, vele ucindezele ingciphophuthi bazothumela amabhomu anele ngapha, ngeke ibe khona indlela yokukumisa, angeke ukwazi ukukubalekela. Kuzoqhumisa imbobo emhlabathini, banalawo mabhomu ehayidrojini elizoqhumisa umgodi emhlabathini ojule ngamayadi ayikhulu namashumi amahlanu, ngikholwa ukuthi yikho, namamayela ayikhulu namashumi amahlanu isikwele (Ungake ukubalekele kanjani na?) futhi izinkulungwane zakho zilungiselela ukuqhuma ngesikhathi esisodwa. Umhlaba ubungeke ukumele.

¹²¹ Futhi sigijimela *lapho* futhi sigoqe isibhakela sethu, futhi bagijima babuyela ngalendlela, futhi bagijime baye emuva. Kuyesatshwa, zonke izizwe ziyesaba. Kungenzeka futhi... Njengokuthi, iWhite House, sifana nomfana omncane ebusuku edlula amathuna, sishaya ikhwelo ebunyamani, sizenza sengathi sibakhulu futhi sinesibindi, kodwa konke ngemuva, wonke umuntu uyavevezela emabhuzini akhe. Akuqondakali. Kunjalo.

¹²² Isivumelwano sokuthula sesizwe sethu singukuthi, nakho konke okunye, kuyazamazama nje, i-U.N. iyazamazama, yonke into iyazamazama. IBhayibheli lathi kwakuyoba njalo, ukuthi yonke into eyayingazanyazanyiswa yayiyozanyazanyiswa. Kodwa semukela uMbuso, awunakuzanyazanyiswa. Niyabo? Niyabo? Konke kuyazamazama. Akuqondakali.

¹²³ Izinkathi zonyaka aziqondakali. Awazi ukuthi usitshale kuphi izitshalo zakho, awunalo uhlobo oluthile lokunisela. Izinkathi zonyaka, ezingajwayelekile kakhulu, isithwathwa, imvula, noma yini enye ingenzeka ngesikhathi sasehlobo ngqo. Bukani ukuthini, ngesinye isikhathi lapha babeba neqhwa phansi eFlorida ngonyaka odlule, negagasi lokushisa e-Alaska, okungaqondakali.

¹²⁴ Isayensi ithi umhlaba uphushelwe ngaphandle, ngiyakhohlwa ukuthi mangaki amamayela aphushelwe emhlabeni, akhukhumala maphakathi. IFinland icishe ibe ingxenye eyodwa kwezintathu, noma, ingxenye eyodwa esishiyagalombilini enkulu kunalokho eyayivame ukuba yikho eminyakeni embalwa edlule, iyakhula, imaphakathi nomhlaba lifuqeleka ngaphandle. O, mfowethu!

¹²⁵ Kwenzenjani? I—isibonakaliso esibomvu siphansi. Uyeza, lungela, Usemnyango impela. Awazi ukuthi ungaya kuphi ukuze uthole ukuphepha. Uthenga umshwalense wempilo. Wazi kanjani ukuthi kuzoba nanoma yikuphi ukuphila ukusuka lapha, ngemva kwalokho? Wenza kanjani... We—wenza konke, kodwa kanti futhi ku, njengokugembula nje, okungaqondakali kakhulu.

¹²⁶ Impilo yebandla ayiqondakali. Amabandla, amahlelo, awaqondakali kakhulu, elinye alazi ukuthi lenzeni ngelinye.

Abaqiniseki kakhulu, baze bazibophela ndawonye, bese-ke bengena eMkhandlwini WamaBandla oMhlaba. Uzokwenza kanjani lokho na? lapho uzixubanisa namakholwa, abazenzisi, nabangakholwayo, abantu abaphika ukuzala kwentombi, baphika umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, baphika ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, nakho konke, futhi uzifaka ejokeni phakathi kwabangakholwayo, uzama ukukwenzela ukuphepha.

¹²⁷ Ukuphepha? Niyazi, iBhayibheli lathi makukhule ukolo nokhula, futhi Wayeyonqwabelanisa ukhula ekugcineni. Banjalo. Babuthana baba yisigejane esikhulu, bonke bebuthana ukwenza umfanekiso wesilo, amandla obufundisi, isithombe esifana neRoma.

¹²⁸ O, kuyeza, ungakhathazeki. Kuzoba lapha, futhi uzokubona; aniyikufa ngokuguga, akekho kini engingacabangi, nize nikubone. Sinekhanda lakho lihlezi lapha manje, uJezebeli, ephendula yonke intamo ka-Ahabi, futhi... Uyazikhumbula izinsuku zakho, awunjalo na? Bangaki abake bezwa iteyipu yami nge*Nkolo kaJezebele* na? Ihlakaza kakhulu. Uyazi ukuthi ngikhuluma ngani. Kulungile.

¹²⁹ Manje, ukungaqiniseki, impilo yesonto, abantu bengabesonto, abaqondakali kakhulu, bazojoyina iMethodisti kuleli viki, “Ingabe yileli?” bayahamba bayojoyina iBaptisti ngeviki elizayo, buyele *kulokhu*, futhi ekugcineni kuphethela kwiKatolika. Kunjalo. Akuqondakali! Abazi ukuthi bazoshonaphi. AmaKatolika egijima *lapha, nalapho*, nakho konke okunye. Akekho owaziyo ukuthi yini okufanele ayenze, ukungaqiniseki nje. Yonke into ibonakala ibhidlika, akukho sisekelo.

¹³⁰ Kodwa ingabe kukhona okuqondakalayo na? Yebo! Haleluya! Ingabe kukhona okuhle na? Impela. Yebo: UJesu wathi, “Kodlula kokubili amazulu nomhlaba, kepha iZwi laMi alisoze.” Kukhona Okuthile okuqondakalayo. Yebo, mnumzane. “Kodlula amazulu nomhlaba, kepha iZwi laMi aliyikudlula.” Khona-ke Lokho kuqinisekile.

¹³¹ Into eyodwa eqondakalayo, ukuthi iZwi likaNkulunkulu alisoze lehluleka. Akunandaba ukuthi abagxeki bangaLigxeka kanjani, *abafundi* bangaLichaza kanjani baliqhelisa, ukuthi bangahle bakwenze kanjani *lokhu, lokho*, noma *okunye*, kodwa ngeke kuLivimbe nakancane, Lizokwenzeka ngokufanayo nje. Njengoba uJohane asho, “UNkulunkulu angamvusele u-Abrahama abantwana kulawa matshe.” UNkulunkulu uzokwenza, amaZwi aKhe azogwaliseka ngenkathi yaWo, futhi akukho okuzoLivimba. Ngijabule kakhulu ngalokho. O, yeka indlela engijabule ngayo!

¹³² UPawulu, lapha, wayekhuluma kwabaseKorinte 14:8, ngokuqeqesha isosha, liqeqeshelwe umsindo. Lelososha, uma

liyissha eliqeqeshiwe, liwazi wonke umsindo walelocilongo ukuthi lenzeni, liqeqeshelwe lelocilongo. Lapho lelocilongo likhala (Wathi, “Uma icilongo likhala izwi elingaqondakaliyo,” khona-ke isosha alazi ukuthi lenzeni, ngoba liqeqeshelwe kuphela ukukhala kwecilongo.), lazi kahle hle ukuthi yini okufanele liyenze, ngoba ukukhala kwecilongo kulitshela okufanele likwenze. Wathi, “Manje, uma icilongo likhala ngezwi *elingaqondakali*,” khona-ke alazi ukuthi lenzeni.

¹³³ Manje, lokho kwakuwukuqeqesha isosha lemvelo. Futhi isosha elingumKristu liqeqeshelwe iCilongo, ukukhala kweCilongo, futhi lelo yiCilongo leVangeli, iVangeli, ukukhala kweZwi likaNkulunkulu, iCilongo leVangeli. Futhi uma umuntu engakaze akwazi ukukhala kweCilongo leVangeli, ubeyodideka kancane. Uma wayengazi ukuthi iZwi lathini, nokuthi iZwi lalifundisani, nje lokho okwashiwo yibandla, ubeyodideka lapho ezwa ukukhala kweCilongo, ubengeke azi ukuthi azilungiselele kanjani.

¹³⁴ Futhi ngicabanga ukuthi yilapho esesifike khona, izwe namuhla, iCilongo likhala ncamashi neVangeli, futhi abantu abazi ukuthi benze kanjani, abazi ukuthi bazoma kanjani emgqeni futhi balungele impi. Badidekile ngoba bebelalele amacilongo ahlukene: izivumokholo, ihlelo, ukwehlukana, zonke izinhlobo zezinto, futhi lapho iVangeli leqiniso, neZwi leqiniso libonakalisiwe, lifakazelwe phakathi lapho abantu abazi ukuthi benzeni. Abanye babo bahamba babuyeke emuva, futhi bathi, “Ku—ku—kungudeveli.”

Omunye uthi, “Ukufunda inqondo. Kuyi... Bajabule ngokweqile, ayikho into ebizwa ngokuthi uMoya oNgcwele, uDkt. *S'bani-bani* washo njalo.”

¹³⁵ Angikhathali ukuthi uDkt. *S'bani-bani* wathini. Wathini uNkulunkulu na? YileyoNto kuphela eqinile, amazwi akhe ayohluleka, kodwa iZwi likaNkulunkulu alisoze ledlula, izwi lakhe aliqondakali, kodwa iZwi likaNkulunkulu liqinisekile. Yingalesizathu ngakhela amathemba ami ndawo ngaphandle kwaleloBhayibheli, lifanele libe yilokho.

¹³⁶ Kodwa kuyamangaza, njengoba ngihamba futhi ngishumayela iZwi, futhi ngifakaza ngezinto, mhlawumbe ukuthatha into elula, isitatimende esisodwa seBhayibheli, ngokuvamile kungcono ukwenza lokho, bengingama lapha amaviki futhi ngidlule ezintweni futhi nginibonise ukuthi umBhalo ukhomba ngqo kulesisikhathi, futhi abakukholwa.

¹³⁷ Manje, lapha ngobunye ubusuku nginithethisile nina besifazane ngokuba nezinwele ezimfishane. Benazi yini ukuthi iBhayibheli likhuluma ngalokho ngezinsuku zokugcina na? Kunjalo. Niyazi yini eBhayibhelini, kwakungukungalaleli kowesifazane okwaqala ngobufazane, owesifazane emuva lapho, lapho le nto iqala ukuphuma ngokufa futhi lapho

iphuma ngendlela efanayo? isizwe sabeZizwe safakwa neNkosi uNebukadinesari ngezilimi ezingaziwa nokuhunyushwa, futhi siphuma ngendlela efanayo na? safakwa ngokukhuleka esithombeni somuntu, futhi sihambe... indoda engewe, uDaneyeli, okwakunguBeliteshasari, isithombe sikaDaneyeli, ukwenza wonke umuntu akhonze leso sithombe sendoda engewe, futhi aphume ngendlela efanayo na?

¹³⁸ Niyazi, wonke umBhalo unempendulo embaxambili kuWo, uyaZiphinda na? Impela Uyakwenza. Futhi sikulolo suku. Besingawathatha kanjani amahora kulokho, futhi sikukhombise impela nje ukuthi kuyiqiniso! Futhi ungakuchazela abantu, futhi ukubonise abantu, futhi abazi ukuthi iyiphi indlela okufanele bahambe ngayo.

¹³⁹ Ngi... Enye indlela, uzizwa sengathi ufuna ukubathethisa, nokho uyabazwela, ngoba bebelalele enye into ephambene. Kodwa njalo buya futhi ubone ukuthi ngabe kungu ISHO KANJE INKOSI, uma kuyiBhayibheli, khona-ke lokho kuyaqondakala. Futhi lonke i-awunsi laKho liyaqondakala, akukho ngisho nesisodwa isigaba esincane esiyoke sehluleke, ngisho nomkaLoti ukuba aphenjule ikhanda lakhe kubantwana bakhe uqobo nabazukulu abaklabalalayo, bevutha eLangabi lesihogo. Ulaka lukaNkulunkulu nokwaHlulela kwathululeka phezu kweSodoma, futhi umama ompofu onenhliziyi edabukileyo wavele waphendula ikhanda lakhe wabheka emuva, kodwa iNgelosi yathi, manje, iNgelosi, isithunywa sehora kubantu babo yathi, "Ungabheki nasemuva," futhi akasilalelanga leso sithunywa futhi nje waphendula ikhanda lakhe, futhi usamile nanamuhla.

¹⁴⁰ Niyabo, bangane, leyo yinkathazo, ngiyiqaphelile phakathi kwabantu bakithi, asinabo nje u—ubuqotho, inhlonipho yokuzithoba nenhlonipho kuleloZwi okufanele sibe nayo. Futhi yileyo kuphela Into ezoma, yileloZwi.

¹⁴¹ Manje, uma umuntu engakwazi ukukhala kweCilongo, akazi ukuthi ukhuluma ngani, khona-ke yi—yi... uthi ukudideka. Manje, namuhla sithola abantu bedidekile. Bukani lapha, amaPresbyterian, amaEpiscopal, amaLuthela ngamakhulu ayangena efuna uMoya oNgewe. Okuxakayo. Kunjalo. Amakhulu ngamakhulu abantu behlelo bengena, befuna uMoya oNgewe, nabantu bePentecostal obekufanele bazi ukuthi kwenzekani, abakwenzi. Esikhundleni sokubamba ibandla labo futhi balinyakazise behlisele eVangelini, babayeka baqhubeke ngqo bephila ngokunethezeka ngendlela abafuna ngayo.

¹⁴² Lapho, anazi yini, uJesu wathi ngenkathi intombi elele ifika ukuzothenga amaFutha, kwakungalelo hora u—uMyeni afika ngalo na? Lapho efika, wathi, "Sipheni amanye amaFutha kwawenu."

143 Bathi, “Sinanele thina. Hambani niyowathenga.” Futhi ngenkathi eyothenga amaFutha, intombi elele, kwase kufika uMyeni, noMlobokazi wangena. Manje, akukaze kube khona isikhathi esake sasazi ukuthi izwe lehlelo belifuna uMoya oNgcwele kuze kube manje.

144 Izibonakaliso zokuKhanya kwakusihlwa, izimanga, izibonakaliso, yonke into ihlezi khona lapha ilungele. Impela. Badidekile kancane. Abazi. Uthi, “O, haleluya, haleluya! Uqhubekela kukho ngqo,” futhi udedele yonke into? Awu, besifanele sihlole. Sekuyisikhathi sokwenyuka lapho lokho kwenzeka, lapho intombi elele ikhalela amaFutha.

145 UMsindo wokuKhanya kwakusihlwa uza. Uyini uMsindo wokuKhanya wakusihlwa na? NgokukaMalaki 4, uMlayezo wokubuyisela ukukhulwa kwabantu e, awu, ukukholwa koyise kubantwana, uMlayezo.

146 Manje, qaphelani. UJesu...Kwakukhona imithi emibili ensimini yase-Edene, omunye wayo kwakungukuPhila, nomunye kwakungukufa. Omunye wayo kwakungowesifazane, oMunye kwakuyiNdoda. Futhi ukuphila okuvela ngowesifazane kuyafa, kodwa ukuPhila okuvela ngeNdoda kuyaphila. UJesu wathi, “NgiyiSinkwa sokuPhila esivela kuNkulunkulu siphuma eZulwini.” INGelosi...AmaSerafi ayegada uMuthi wokuPhila, okwakuyiSinkwa sokuPhila esasivela kuNkulunkulu siphuma eZulwini, futhi qaphelani, ukuthi babengeke baKuthathe ngaphandle kokuBuyisana, futhi ukuBuyisana kwakufanele kwenziwe, khona-ke babengathatha iSinkwa sokuPhila.

147 Kwakukhona lowoMuthi ophelele, wathela isithelo esiphelele, UDavide waWubona kumaHubo wathi, “Kufana nomuthi umi ngasemifuleni yamanzi.” Impela. Imifula, eminingi yayo emanzini awodwa; iziphiwo eziningi, uMoya ofanayo. Futhi Wathela zonke izithelo ngokuphelele, kwase-ke, amaRoma aMnquma, aMphanyeka emthini owenziwe ngumuntu. Kodwa lapho Ebuya, Wamisa, ngosuku lwePhentekoste, yini Ayimisayo na? UMuthi woMlobokazi onoMoya waKhe uqobo kulowoMuthi ukuba uthete isithelo esifanayo.

148 Uvela eminyakeni engamakhulu amathathu yokuqala, wenza kahle. Kwase-ke inhlangotho yahlala kuWo, nebandla lamaRoma aKatolika, namhlanje, kwakuyiBandla lokuqala lePentecostal. Noma ubani owazi umlando webandla uyakwazi lokho. Ngisanda kudlula kukho konke: i*Pre-Nicene Fathers*, ne*Nicene Council*, i*Post-Nicene Council*, i*Two Babylons* kaHislop, i*Book of the Martyrs* kaFoxe, o, i-*Early Ages* kaPember, konke lokho, ngakuthatha konke, futhi ibandla lamaRoma aKatolika laliyiPhentekoste lokuqala.

149 Upapa wamaRoma aKatolika usanda kuthi, “Onke amabandla, buyani manje lapho amabandla eqala khona, eRoma.” Ngifuna isifundiswa esithile, isazi sezenkolo esithile,

isazi-mlando esithile ukuba singitshele ukuthi iBandla liqala eRoma, noma, angibonise. Ngizobuyela emuva naye lapho iBandla liqala khona, Liqala eJerusalema, ngosuku lwePhentekoste.

¹⁵⁰ Manje, ngizovuma ukuthi ibandla eliKatolika, ibandla *lamahlelo* liqala eRoma. Amahlelo aqala eRoma, futhi yilapho abuyela khona, unina omdala isifebe, namadodakazi akhe, kungokweqiniso, uzobuyela lapho.

¹⁵¹ Kodwa iBandla lasekuqaleni liqala eJerusalema, ngo A.D. 33, ngosuku lwePhentekoste. Yilapho okufanele sibuyele khona, ngizama ukubuyela lapho. Kodwa bona lowomphikukristu ehamba, ezama ukwenza lowomphikukristu, lapho uMoya kaNkulunkulu wangempela uzama ukubabuyisela ekukholweni kwasekuqaleni futhi? Bheka lapho, “Okushiywe yinkumbi, kudliwa yinkasa; nalokho okwashiywa yinkasa kudliwe yizinkumbi,” kuqhubeke kwehle, kwehle kuze kufike esiqwini. UJoweli wakubona, kodwa wathi, “Ngiyakubuyisela, isho iNkosi, yonke iminyaka abayidlayo.”

¹⁵² Manje, cisse kwakuyiminyaka eyinkulungwane lapho, kwakungekho lutho ngaphandle kweSiqu. Kodwa awukwazi . . . Ngoba ukuPhila kwalowoMuthi kumiselwe ngaphambili ukuba kuzeze uMuthi, kuza kukhuphuma uLuther, waLiqala likhula. Wenzani na? Uyahlela. UMyeni wathena amagatsha. Uyakhuphuka ungena kwiMethodisti. Lenzani? Liyahlela, njengomama nje. Lithena amagatsha. Kuyakhuphuke kungena kumaPentecostal, kwenze into efanayo, ukuhlela. UNkulunkulu usethene amagatsha.

¹⁵³ Kodwa lokho kuPhila enhliziyweni yalowoMuthi ufanele uphile, uNkulunkulu wathi, “Ngizobuyisela,” ngokuba ukuKhanya kwakusihlwa kuzaku—kuvuthwa. Phakathi nendawo kwalowoMuthi kumi inhliziyo kaNkulunkulu, lowo uMuthi woMlobokazi ozohlangana no—u—uMuthi woMyeni, njengoba nje kwakunjalo ensimini yase-Edene ekuqaleni, uMuthi, iMithi yokuPhila emibili. Thatha u-Adamu no-Eva njenge—njengesithunzi semithi emibili eyayimi lapho ngempela, ukuPhila nokufa.

¹⁵⁴ Futhi yilapho okuya khona namuhla. O, badidekile kancane, abazi ukuthi benzeni ngakho. Lapho bezwa iCilongo likhala, abazi ukuthi kufanele bahambe ngaphi, bathi, “Awu, a—a—angazi.” Kuyadabukisa, kuyadumaza. Kunjalo.

¹⁵⁵ Amabandla osuku lwaKhe, ayengawazi uMsindo. Bukani lokho amabandla ayekwenzile: Ayesehenduke abefundisi basesontweni, abafundile, abahlakaniphe, abakhali-phile, futhi bathathe yonke imiyalo kaNkulunkulu futhi benza amasiko ngayo. UJesu wathi, “Nithatha imiyalo kaNkulunkulu futhi niyenze ize ngamasiko enu.”

¹⁵⁶ Babengcwele, amadoda alungile, wawungenakubeka umunwe empilweni eyodwa, yayiyokhandwa ngamatshe uma yeze okuthize okungalungile; okhokho kakhokho kakhokho kakhokho wabo babengabapristi. Kodwa uJesu wathi, “Nina ningabakayihlo udeveli.” Futhi ngenkathi uJesu efika futhi wabetha iCilongo likaMesiya, babengaLazi, Kwakuyizwi elingaqondakali, babengazi ukuthi yini okufanele bayikholwe.

¹⁵⁷ Ngikholwe, yinto efanayo futhi, iziphinde yona. IVangeli lizwakala ngobumsulwa beZwi laLo, nasekubonakalisweni kwaLo, futhi nokho abalitholi. Abakwazi ukuLiqonda, abaqeqeshiwe kulowoMsindo weBhayibheli. Baqeqeshelwe esivumwenikholo esithile sehlelo esikhundleni somsindo weBhayibheli, ngakho-ke, lapho iBhayibheli liKuzwakalisa, abazi ukuthi ukhuluma ngani. Kunjalo. “Uma icilongo likhala ngezwi elingaqondakaliyo, ngubani owaziyo ukuthi azilungiselela kanjani na?” Abantu bavele baqhubeke, baphile njengabanye, kodwa ukuba nje bebengabona uMsindo: uNkulunkulu ehamba!

¹⁵⁸ Ngiza ngingena eNdiya, lapha esikhathini esithile esedlule, uBilly nami, ngenkathi sihambe sangena eNdiya, lapho saba nomhlangano wethu omkhulu kunayo yonke esake saba nawo, wawuseBombay, omkhulu kunayo yonke, futhi ngicabanga ukuthi kwakukhona, angazi, mhlawumbe kwakukhona ikhulu lezinkulungwane, abantu abayizinkulungwane ezingamakhulu amabili bamukela uKristu ngesikhathi esisodwa. Sasingazi ukuthi singabalawula kanjani, njengamamayela nje ezandla ezimnyama ziphakama, zemukela uKristu ngenkathi indoda eyimpumputhe ngokuphelele emsamo yemukela ukubona kwayo, yasindiswa. Futhi babelapho-ke.

¹⁵⁹ Kodwa ngenxa yokuthi awekho amabandla ayengabambisana nawo, enzenjani-ke na? Lapho bona—bona—bona—babengawuqondi kahle uMsindo weVangeli! Ngenkathi lowombhishobhi weMethodisti emi lapho, futhi wathi kimi, wathi, “Mnumzane, sikholwa ukuthi uyindoda ehloniphekile, asivumelani nawe. Unegama elihle, siyakuhlonipha. Kodwa ukukuxhasa . . .”

¹⁶⁰ Ngathi, “Mnumzane, umuntu ufanele athathe lapho. Nansi imeya imi lapha, engitshale ukuthi okungenani kukhona, kuzoba okungenani abantu abayizinkulungwane ezingamakhulu amahlanu kulowo mbuthano.” Ngathi, “Kuzoba khona into eyenzekayo. Ngena futhi uthathe labobantu, ubaholele ekwazini uKristu, uma kungeNcwadi kuphela.”

¹⁶¹ Kodwa niyabo, iCilongo lakhaliselwa bona, kodwa bona . . . Kwakuyizwi elingaqondakali kubo. Babengazi, babengalazi leloCilongo leVangeli, niyabo. Babazi kuphela icilongo labo lesiko, icilongo labo lobufundisi, yilokho kuphela ababekwazi,

futhi balahlekelwa yikho. Futhi bayokhokha ngakho ngoSuku lokwaHlulela. Kunjalo impela.

¹⁶² UJesu wabetha iCilongo laKhe, Wabakhombisa ngezibonakaliso zaKhe nezimanga ukuthi WayenguMesiya. Yebo, mnumzane. Isosha elingumKristu liqeqeshelwe ukuzwa iZwi-Msindo leVangeli, isosha langempela elingumKristu liqeqeshelwe Lokho. UJesu wathi, “Izimvu zaMi ziyalazi iZwi laMi.” Liyini iZwi na? UJesu uyiZwi, “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu.” Bese-ke imvu yangempela kaNkulunkulu izwa iPhimbo leZwi. “Izimvu zaMi ziyalizwa iPhimbo laMi. Nomfokazi azimlandeli.” Niyakuthola na?

¹⁶³ Izivumokholo nezimfundiso-ze, nokunye nokunye, kujovelwa kuKho. Zingeke zikulandele lokho, zifanele zizwe iZwi elingonakalisiwe, futhi ziLibone libonakaliswa. Bukani kancanyana lapha eVangelini emizuzwini embalwa, nibone ukuthi yikho noma qha. Bafika ku: “Izimvu zaMi ziyalizwa iPhimbo laMi.”

¹⁶⁴ Bukani, wonke u-Israyeli, emashumini ezinkulungwane ayekhona ngalezozinsuku, cishe izigidi ezine, futhi kwakukhona ikhulu namashumi amabili ezwa iPhimbo laKhe, ezigidini ezine. Uma uhlwitho belungafika kulobubusuku, bekungethusa uma benginganitshela engicabanga ukuthi bekungenzeka. Iqiniso.

¹⁶⁵ Kuningi, njengoba ngishilo kumfowethu namhlanje ekuseni, kuningi *okuthiwa* ubuKristu obuqhakaze emhlabeni wonke, ukugcwalisa kuphela engadini ekhomba iSifanekiso. ISifanekiso siyinto efanelwe ukubhekwa, uKristu uyilowoMfanekiso. Kulungile. NeBandla elizelwe ngokusha ngokweqiniso yilelo AZohamba nalo, okusele kwalo kungumgwalisi. Kunjalo.

¹⁶⁶ Manje, ibandla aliMazanga. Kungani na? Ngoba abazange...babeqeqeshwe ephinjeni lezimiso zobufundisi zangalolosuku. Kwakuyiphimbo elingaqondakali. Babengazi ukuthi benzeni ngenkathi uJesu ephuma lapho futhi ebikezela izinto, futhi waprofetha izinto, futhi nokho umBhalo wabo uqobo ubatshela ukuthi lapho Efika yilokho Ayokwenza.

¹⁶⁷ Kodwa babenze amasiko ngaLo, futhi bathi, “Awu, uMesiya uzoba ngukuthi-nokuthi. Manje, uDkt. *S'bani-bani* noRabi *S'bani-bani* bathi, ‘u*S'bani-bani*.’” Niyabo, ukuthatha izwi lomuntu, akuqondakali, kodwa iZwi likaNkulunkulu liyiqiniso ngokuqinisekile.

¹⁶⁸ UNkulunkulu washo ngoMose, umprofethi waKhe, futhi iZwi njalo liza kumprofethi, futhi wathi Uyoba ngumprofethi onjengaye, futhi babebheke lokho. Futhi labo ababekubhekile bakuthola. Niyabo? “Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi.”

169 Kodwa namuhla...Lezozinsuku kwakuqeqeshiwe, amadoda ebandla abafundile ezinsuku zaKhe ayengawazi uMsindo. Babengamadoda alungile, wawungeke ubeke isandla sakho phezu kwabo. Ubungeke usho ukuthi baphingile, baqambe amanga, bantshontsha, benze *lokhu*. Qhabo, mnumzane. Ubungeke usho ukuthi babengahlakaniphile, babehlakaniphe kakhulu, bekhaliiphile ngendlela ababengaba ngayo.

170 Kodwa babengawazi uMsindo, futhi babengazi ukuthi benzeni. Babekhungathekile. O, ngingenza kanjani... Ngibambe okuthize nje, ngithanda ukubaqhumisa. Ukhuluma ngokukhungatheka! Yebo, bekhungathekile, babengazi ukuthi benzeni. Babone okuthize kwenzeka, futhi bazi ukuthi babefanele baphendule kubantu babo, futhi esikhundleni sokuthatha iVangeli futhi aLihlole, ngenkathi Ema lapho futhi ebona imicabango yabo, naYe... bathi, babezotshela abantu babo ukuthi WayenguBelzabule. Bavele bakulahla bathi, "O, okukadeveli."

171 Futhi uJesu waphenduka, wathi, "Ngiyakuthethelela ngalokho, kodwa ngolunye usuku uMoya oNgcwele uyeza ukuzokwenza into efanayo, futhi izwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa."

172 Ukungaqiniseki, kanye nokuqiniseka: Lapho ukuQiniseka kuzwakala, okungaqondakali kuyadideka, futhi lapho ongaqondakali uzwakala, oqondakalayo uyadideka aze abone lapho ekhona... lokho okuzwakalayo. Yebo. Umuntu owaziyo lapho emi khona, uyakuzwa ukuthi lokho oku...uzwa umsindo ongaqondakali, kodwa ngeke awulalele, futhi kunjalo, "Umfokazi ngeke zimlandele."

173 Kulungile. Kwenzekani na? Yini eyabenza baba kunjalo na? Bakwenzani na? Bakwenze kanjani na? Banqaba iZwi. Futhi lapho unqaba iZwi, yinye kuphela into ongakhela phezu kwayo, futhi leyo yinqubo yezemfundo. Lapho iQiniso lenqatshwa, imfundo iyamukelwa. Kunjalo impela. Bathatha imfundo; into efanayo namuhla.

174 Bukani amabandla ethu ePentecostal, bazalwane. Manje, singase sivule amehlo ethu futhi sibhekane neqiniso. Amabandla ethu alisikho lokh elalivame ukuba yikho. Manje, amabandla enu angabafowethu. Mina...Bakahle, ngiyabandla. Yingakho ngikanye nabo. Ukube bengingakholelwa kubo, bengineke ngempela ngibe lapha ngisho engikushoyo. Ngiyabathanda. Kodwa kwenzekeni na? Esikhundleni salezo zehlakalo esasivame ukuba nazo noNkulunkulu, sithumela abantwana bethu ngapha esikoleni ndawo ndawo, futhi bathole iPh.D. kanye neLL.D., bese simletha ekhaya, akazi lutho ngoNkulunkulu kuneLawu lazi ngobusuku baseGibhithe. Kulungile.

175 Siyisa abantwana bethu ku . . . koSonto sikole. UNkulunkulu akanabo abazukulu, uNkulunkulu unamadodana. Kunjalo. Kepha siyabangenisa, sithi, “Awu, bangamaPentecostal ngoba unina wayeyiPentecost futhi wabakhulisa beyiPentecostal.” Lokho akubenzi amaPentecostal.

176 UNkulunkulu akanabo abazukulu, Unamadodana namadodakazi kuphela, hhayi abazukulu bamantombazane nabazukulu babafana. Unamadodana namadodakazi kuphela. LowoRicky omncane ufanele akhokhe inani elifanayo nalelo umkhulu alikhokha, enze into efanayo umkhulu ayenayo, uthola isehlakalo esifanayo umkhulu nogogo ababanaso, uma engakwenzi, ulahlekile.

177 Ungaphenduli ikhanda lakho ukuze ubheke emuva, qhubeka nokuhamba. Ungabheki umhlaba, nezinye zalezizinto zemfashini, nalezi ezinye zalelidlanzana lezinto zehlelo abazinikezayo. Sonke sinecala. Kunjalo, asiwazi lowo Msindo oqondakalayo. Samukela izimfundiso-ze ezincane futhi sizigcine.

178 UJesu, ngenkathi Efika, Akakwazanga ngisho nokuthola noma yibaphi babo. Wathatha abadobi, umuntu owayengazi lutho Ayengabonisa ngaye okuthize. Yebo, mnumzane. KuThimothewu wokuQala isahluko se 14, Ngicela uxolo, uThimothewu wokuQala isahluko se 4, sisho ukuthi ngezinsuku zokugcina, uMoya oNgcwele uyakhuluma, ukuthi kuzoba nomqondo wobuhlakani weBandla. Kunjalo.

179 UThimothewu wokuQala isahluko se 4 wathi, “Yazini lokhu: uMoya oNgcwele uyakhuluma ukuthi ezinsukwini zokugcina,” yilezizinsuku, niyabo, “bayakuba ngabanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu, abangenakuthuliswa,” (Kwakuvame ukuba ngamahloni ukuba—ukuba abesifazane bahambe bayogeza namadoda, manje sekuthandwa ngabantu kakhulu; bangamaPentecostal, impela, niyabo. Kulungile.) “abangenakuthuliswa, abahlebayo, abangenabumnene, nabangathandi okuhle.”

Wena uthi, “Mfowethu Branham, yikhomanisi lelo.”

180 Kwakungamalunga ebandla lawo. Buka ukuthi wathini ngokulandelayo, “Benesimo sokumesaba uNkulunkulu,” lawo kwakungamaPentecostal, angamemeza, agxume phansi naphezulu, akhulume ngezilimi, izinwele eziphunguliwe, agqoke izingubo ezingenasimilo, abashumayeli bayadlula futhi babeke abantu ebandleni, abadikoni abanabafazi abane noma abahlanu, nanoma yini enye. Imali nje nokugqoka, nokuthandwa ngabantu, bathola okukwedlula konke okukhona edolobheni, umphakathi wedolobha.

181 Okukudlula konke edolobheni, ngezinye izikhathi, kusendaweni ehlwempu, uma kunguNkulunkulu, owesifazane

othile onenhliziyi eqotho noma owesilisa ofuna ukukhonza uNkulunkulu. Bukani ngesikhathi seBhayibheli, abanye ababedlula bonke abeza kwakunguMariya Magdalena, Akhipha kuye amademoni ayisikhombisa, kanjalonjalo. Siqala ukuza singostshuzi-mi, sizikhukhumeza.

¹⁸² Yingalesosizathu sehlulwa, ngoba sithatha abafana bethu futhi sibafundise imfundo, esikhundleni sezimiso zeBhayibheli, kanye nensindiso kaNkulunkulu, namandla kaMoya oNgcwele. Yingalesosizathu kulemvuselelo enkulu, senzeni na? I-Assemblies ichamusele iqembu elikhulu kakhulu, njengo-Oral Roberts; elinye, iChurch of God; uBilly Graham, amaBaptisti, nokunye nokunye, izinkulungwane nezinkulungwane. Kodwa likuphi leloBandla uKristu akhuluma ngalo na? Apho lawomandla amakhulu kaNkulunkulu Awethembisa na?

¹⁸³ Ukukholwa okuthiyeka emngceleni. U-Israyeli wayesehlane iminyaka engamashumi amane, ehambahamba, ezungeza nezibusiso zikaNkulunkulu, kodwa mfowethu, ngale ezweni lesethembiso kwakulele ukugcwala kwezibusiso zikaNkulunkulu zabo. Futhi namhlanje sihamba sizungeza sizungeza eziyingini, kanjalo, namandla kaNkulunkulu aselungele ukusingenisa, nawo, kodwa senzani na? Ukuhlwaneyela imbewu yobuhlakani, izinkulungwane zobuhlakani, ayisekho imihlangano yomkhuleko ubusuku bonke, ufanele usheshe futhi ubaleke. Ubuqotho abusekho. Zikuphi lezozinto na? Khona-ke uNkulunkulu makavuse into ethize, khona-ke bayakugxeka, iBandla likaNkulunkulu ophilayo. Cabanga ngakho. Izwi elingaqondakaliyo, abalazi. Impela. Kulungile.

¹⁸⁴ Wakhuluma ngalokhu, lalelani Akusho, futhi, kuThimothewu wesiBili, Wathi, "Laba kwakuyoba uhlobo olungena indlu ngendlu, futhi bahole abesifazane abayiziwula, beholwa izinkanuko ezahlukahlukene. Bengalokothi bafunde, bengalokothi ukwazi ukufinyelela ekwazini kweqiniso, besindwa isono, inkanuko." Ngifuna ukwenza iphethini ngemuva kwengcweti yamabhayisikobho, uhlelo oluthile lwethelevishini uhlala ekhaya ungekho emhlanganweni womkhuleko ukuze ulubukele, wenza lokho kube yisibonelo sakho.

¹⁸⁵ Uhhafu wezinganyana zingakutshela okuningi ngo-Davy Crockett kunokuba zingakwazi ngoJesu Kristu. Yehlela edolobheni, ungathenga noma yini ku-Davy Crockett, kodwa awulizwa neze iGama likaJesu Kristu lishiwo. O, kuyihlazo!

¹⁸⁶ Ngiyazi ucabanga ukuthi ngiyahlanya, kodwa ngolunye lwalezizinsuku eNdaweni yokwaHlulela, lapho ngimi lapho eceleni kwakho, uzothola okwehlukile. Manje yisikhathi, ungalindi kuze kube yilapho, kuzobe sekwephuze kakhulu. Kwehlulele ngeZwi, ubone ukuthi kuqinisile yini. Khona-ke uzokwazi.

187 Izihlakaniphi, ngeke bafune ukuthi umuntu othile asukume ngempela futhi akhiphe umBhalo futhi akubonise, bafuna umuntu oqeqeshelwe ukukweqa. Abafuni ukwazi lokho. O, abakwazi nje ukukumela lokho.

188 Izinhlanzi nezinkwa kuhle, kodwa... uJesu wenza into efanayo. UmProfethi omangalisa kanje pho! UmProfethi omncane waseGalile wayephulukisa abagulayo, futhi WayeyiNdoda enkulu, kodwa ngoluny'usuku Wahhlala phansi, waqala ukuthulula iqiniso kubo. Isixuku sonke sakhuphuka saMshiya, nabangamashumi ayisikhombisa bahamba, Waphendukela kwabayishumi nambili futhi wathi, "Ingabe nani nifuna ukuhamba na?"

189 Yingaleso sikhathi lapho uPetru enza khona lawo mazwi aphawulekayo, futhi wathi, "Nkosi, singayaphi?" Impela. Khona-ke Waqala kusukela ngalo kanye lelohora (Inqobo nje lapho Ephulukisa abagulayo, kwakukuhle, kodwa ngenkathi Eqala ukuphazamisa impilo yabo ngabanye, khona-ke lokho kwasho into ethile eyehlukile.) kusukela khona lapho iNkonzo yaKhe iqala ukuncipha, iqhubekele ngqo esiphambanweni. Futhi zonke izinceku zikaNkulunkulu zeqiniso zizolandela isibonelo esifanayo, ngokuqinisekile. Abantu bafuna ukumbambathwa nokudlalwa ngabo, kodwa lapho sekuziwa eqinisweni, abalifuni. Manje, khumbulani, lawa ngamateyipu aya emhlabeni wonke. Niyabo? Kulungile.

190 Imfundo, ngingasho lokhu, ukuthi imfundo ibe enye yezinto engathokozisi kakhulu eyake yatholwa iVangeli. Futhi namuhla imfundo iyadingeka. Kunjalo. Ufanele ube nayo. Bhekani abantwana bakaKayini, ekuqaleni, Abantwana bakaKayini babehlakaniphile, ososayensi, futhi per-... futhi—futhi babekwazi ukucangcatha insimbi, bakhe izakhiwo, nokunye nokunye, babengososayensi. Kodwa abantwana bakaSeti babengabelusi bezimvu abathobekile kanjalonjalo. Kunjalo.

191 UJesu wathi abantwana bezwe, basebusuku, bakhanya kakhulu, bahlakaniphe kakhulu kunabantwana bemini, uJesu washo njalo, kodwa nokho, sibeka okukhulu kakhulu phezu kwalowo onobuhlakani. Enye indoda ingasho u "A-meni" kahle nje, enye indoda enokugunda izinwele kwaseHollywood, noma *enye into*, "Ukhuluma kamnandi," ukugeza okuxubile, aphume, futhi enze yonke into, amaphathi amakhadi i-bunco esontweni, namaphathi amancane enhlaliswano nezinto, futhi baze ngisho bavotele umelusi wenu lokho.

192 UPawulu wathi Wayefuna abahlukanisi. UNkulunkulu watshela uPawulu, "Ngahlukaniseleni uPawulu noBarnaba." Namuhla bafuna abaxubi, mabazedlulele nganoma yini abafuna ukuyenza, kodwa uNkulunkulu ufuna abahlukanisi. Kunjalo.

Akulula ukukwenza, kodwa nokho, ukufeza lokho uNkulunkulu akufunayo.

¹⁹³ Izimvu ziqeqeshelwa ukulandela iPhimbo likamalusi wezimvu, nePhimbo likamalusi wezimvu liyiZwi. Namuhla imfundo inkulu kakhulu, iyadingeka. Omunye wemihlangano yethu emikhulu, elinye lamahlelo ethu amakhulu abantu beFull Gospel, ngiyatshelwa, kufanele athathe isithunywa senkolo futhi asimise phambi kukadokotela wengqondo ukuthola ukuthi ulungile yini ngokwengqondo ukuya emasimini noma qha. Yeka ihlazo!

¹⁹⁴ Namuhla ufanele ube neziqo ezine ekolishi, noma, iziqu ezimbili bengakakumisi ukuba ushumayele iVangeli. Kukuthatha iminyaka eyishumi ukuthola uhlobo oluthile lweziqo. UNkulunkulu wenze okuningi ngezinsuku eziyishumi kunalokho abangakwenza, namuhla, eminyakeni eyishumi. Kunjalo. Amadoda ayengakwazi ngisho nokubhala amagama awo uqobo! Akakaze awatshela ukuthi aye esikoleni. Yena . . .

¹⁹⁵ Ngenkathi (ngikholwa ukuthi kwakungu-Hudson Taylor, isithunywa senkolo esikhulu eShayina.), kwakukhona umfana waseShayina owasindiswa, futhi wenyuka, wathi, “Mnu. Taylor, ngizozitholaphi iziQu zami zobuCiko? Kuzothatha iminyaka emingaki *lokhu* na? Kuzothatha iminyaka emingaki, ngithole iziqu zami zobudokotela?”

UMnu. Taylor wathi, “Hamba manje, ungalindi kuze kushe uhhafu wekhandlela.”

¹⁹⁶ Yilokho engikushoyo namuhla. Esikudingayo namuhla amadoda aneshlakalo eyaziyo ukuthi lokho uNkulunkulu akuqondile, futhi uthatha ulwazi lokuzibonela lukaNkulunkulu ngeBhayibheli likaNkulunkulu, futhi ushumayela iZwi likaNkulunkulu, unezibonakaliso zikaNkulunkulu, futhi uNkulunkulu uyisiqinisekiso.

¹⁹⁷ Uma ungawazi ubhontshisi e...hlukanisa ubhontshisi ekhofini, shumayela noma ikanjani. Kukhona into eyodwa oyaziyo: Uma ikhandlela lakho lokheliwe, hamba utshela othile ukuthi lokhelwa kanjani, mhlawumbe nelabo lizokokhelwa, licime elakho. Yilokho esikudingayo namuhla. Impela kunjalo. Sinodokotela bengqondo abaningi kakhulu, futhi ziningi kakhulu izinto okufanele sizenze emgqeni wemfundo. Yebo, mnumzane.

¹⁹⁸ UNkulunkulu wenza izivumelwano ezimbili, ezintathu. Isivumelwano sokuqala Asenza, Asenza no-Adamu, wasiphula. Isivumelwano sesibili kwakuyisivumelwano sikaNowa, sephulwa. Ngenkathi uNkulunkulu enza isivumelwano saKhe no-Abrahama, Akazange athi, “Uma uzokwenza izinto *ezithile*, Ngizokwenza izinto *ezithile*.” Wathi, “Ngikwenzile!” Isivumelwano esingenamibandela, uNkulunkulu wanquma ukusindisa umuntu. Alukho uphawu olungaqondakali

ngalokho. “Abrahama, Ngikusindisile wena neNzalo yakho emva kwakho, futhi Ngiyozifunga Mina ngokwami ukuthi Ngizokwenza.” Amen. Akukho okungaqondakali ngalokho. “SeNgikwenzile, ngikwenzile vele.” Niyabo, umuntu ubolile kwasekuqaleni, noma yini ayenzayo ibolile, noma yini ayenzayo.

¹⁹⁹ Umfowethu emuva lapha ebandleni, ngihlangane naye ngokunye ukusa, imoto yakhe, sobabili sathenga amaFord amasha, futhi lapho sehla, ngani, eyami ayihambanga kahle, eyakhe ayihambanga kahle, UBilly uthenge iChevy entsha futhi ayihambanga kahle, ngase ngithi, “Noma yini umuntu ayakhayo iyonakala. Yinye kuphela Into engenakonakala, leyo nguKristu.” Amen. Uphila phakade.

²⁰⁰ UNowa waphula isivumelwano sakhe, noma, isivumelwano sikaNowa saphulwa, isivumelwano sika-Adamu saphulwa, noma yini uNkulunkulu ayenzayo ngomuntu. Kodwa uNkulunkulu wanquma, futhi wayezosindisa umuntu, ngoba Wamazi ngaphambili umuntu. Futhi Wayezimisele ukumsindisa, ngakho Wasindisa umuntu ngesivumelwano esingenamibandela. Amen. Akukho ukungaqiniseki ngakho, Wathi, “Ngizo.” Kungomusa ngokuphelele, futhi akunambandela, okwenza kube ngomusa. Hhayi, “Uma uthanda, Ngizokwenza.” O, yeka indlela engijabule ngayo ngalokho! Hhayi lokho engiyikho, kodwa lokho Ayeyikho. Amen.

²⁰¹ U-Abrahama, lapho esizwa leso sivumelwano, wajabula kakhulu futhi wathokoza kakhulu, ngisho esemdala, futhi uNkulunkulu wamtshela ukuthi wayezoba nengane ngoSara. Kwadlula iminyaka, futhi akabanga nayo ingane, kodwa wayelokhu ethi, “Sizoba nayo noma kanjani.”

“Wazi kanjani na?”

²⁰² “UNkulunkulu washo njalo.” Akukho okungaqondakali ngalokho. “Sizoba nayo noma kanjani, uNkulunkulu washo njalo, lokho kuyakuzalula.” UNkulunkulu washo njalo, akukho lutho olungaqondakali ngakho.

²⁰³ UNowa, uMlayezo wakhe ngalolosuku awuzange uhlangane nemfundo yebandla. Niyakhumbula ukuthi babehlakaniphe kakhudlwana ngalesosikhathi, sebenjalo manje. Babekwazi ukwakha isivivane nekhandla lebhubezi elinekhanda lomuntu eliqoshwe ngetshe elikhulu, bebengeke bakwenze lokho manje, asinalutho esingawaphakamisela lapho ngakho, lawomatshe amatshe. Kunjalo. Babengomisa isidumbu ngalolosuku, noma bangqumise umzimba ukuze bawenze uhlale isikhathi eside amakhulu ngamakhulu eminyaka ukuze ubukeke ungowemvelo, silahlekelwe yilobo buciko. Babenombala esingenawo namuhla. Babehlakaniphe kakhulu ngalesosikhathi kunathi manje.

Ucabangani ngekhehla eliphumela phandle lapho lithi, “Awu, zilungiseleleni, ngizokwakha umkhumbi lapha ngaphandle ngoba lizokuna?”

204 Ososayensi babezodubula bafike e...i-rada umshini wokupopola kude enyangeni emuva naphambili, wathi, “Akusenjalo...noma iyiphi imvula phakathi kwalapha nalaphaya. Ivelaphi na?”

205 Njengalowo mRashiya emzileni wezinkanyezi ngolunye usuku, wathi, “Ngazungeza umhlaba izikhathi eziyishumi nesikhombisa, angizange ngibone uNkulunkulu, noma uMoya oNgwele, noma izingelosi.” Ukungazi, yilokho kuphela. UNkulunkulu uvele ahlale abahleke.

206 Ngani, uMlayezo kaNowa awuzange ufanelane nezincazelo zesayensi, kodwa uNowa wathi, “Lizokuna,” noma kanjani, ngoba uNkulunkulu washo njalo. Yebo, mnumzane. Alikho izwi elingaqondakaliyo ngakho. “Lizokuna.”

207 UMose wayebuzwa, lowomprofethi obalekile emuva phandle lapho ngemuva kogwadule, wayengazi ukuthi enzeni. O, wayekhunganathekile ngakho konke. Wathi, “Nkosi, angikwazi ukukhuluma, ngiyangingiza, a—angeke ngikwazi ukukwenza, angikwazi ukwehlela lapho.”

208 Kodwa lapho uNkulunkulu ethi, “Ngizoba nawe,” Amen. Alikho izwi elingaqondakaliyo ngalokho. “Ngizoba nawe.” Amen. Kwakuxazulula lokho. UMose wayesendleleni yakhe, kungekho lutho olungaqondakali ngalokho.

209 UDavide, ngenkathi emi lapho eceleni kukaGoliyathi, embuka, futhi wabona lesosigejane samasosha amathini, ayefanele ukuba yibutho likaNkulunkulu, emi lapho, amagwala, ehlehla, uDavide wathi, “UNkulunkulu owanikela ingonyama esandleni sami, futhi ngabulala ibhere, lowoNkulunkulu ofanayo uzonginikeza lowomFilisti ongasokile esandleni sami.” Manje, hhayi, “Ngethemba ukuthi Uyakwenza. Mhlawumbe Uzokwenza.” Wathi, “Uzokwenza.” Akukho okungaqondakali ngalokho.

210 Kukhona uMsindo oqondakalayo, futhi lowoMsindo oqondakalayo uyiPhimbo likaNkulunkulu. Haleluya! Akukho okungaqondakali ngalokho. UDavide wathi, “Uzokwenza.”

211 UJohane wayeqinisekile kakhulu, phandle lapho kulelohlane, ukuthi wayezobona uJesu Kristu, wayeqinisekile ukuthi wayezoMbona, wathi, “Umi phakathi kwenu manje, futhi aniMazi.” Wayeqinisekile. Hhayi, “Ngethemba ukuthi Ukhona laphaya. Mhlasimbe Uzofika ngisaphila.”

212 UJohane wayenoMlayezo ovela kuNkulunkulu ngqo. Akazange aye kude esikoleni ukuyofunda noma yini, waya ehlane waguqa ngamadolo akhe. UMlayezo wakhe wawubaluleke kakhulu ukuthatha umqondo wesikole othile.

Ngakho wahamba waze wamthola uNkulunkulu, futhi uNkulunkulu wamtshela, wathi, “Ozakubona kuYe uMoya ehla, ahlale, Uyobhaphathiza ngoMoya oNgcwele noMlilo.”

²¹³ UJohane wayeqinisekile ngakho. Ngakho wayeqinisekile kakhulu wathi, “Umi phakathi kwenu manje, Lowo eningamazi.” Amen. Wayelapho, kodwa WayengakaZibonakalisi okwamanje.

²¹⁴ Ngingathanda kanjani ukusho okuthile khona lapha! Amen. Ngikholwa ukuthi Ulapha, kodwa AkakaZibonakalisi okwamanje. Ngiyakholwa ukuthi uKristu ukhona, ngiyakholelwa esimweni sikaMoya oNgcwele, Ukhona lapha manje ekugcwaleni kwamandla aKhe ukwenza noma yini esiyicela Yena ukuba ayenze; Washo njalo. Kodwa lapho EZibonakalisa, khumbulani, Uzovela ngaphambi kokuba Afike. Kodwa sizoMbona eza ngolunye lwalezizinsuku, Lowo okhazimulayo ebesimbhekile. Yebo. Amen.

²¹⁵ UJesu wayeqinisekile ngalokho Ayekwenza. KuJohane oNgcwele isahluko se 5, ivesi le 19, uJesu wathi, “Ngqiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo,” leyo yinyama uNkulunkulu ayidala, iNdodana yaKhe uQobo. Uyakholwa ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu, edaliwe na? Impela, ya. UNkulunkulu waZidalela umzimba, itabernakele, ukuba ahlale kulo, WayeyiNdodana kaNkulunkulu, futhi Wathi, “INdodana ingenze lutho ngokwaYo, kodwa lokho Ebona uYise ekwenza, lokho neNdodana iyakwenza.” Khonake Wayeqinisekile, ngoba uNkulunkulu wayeMkhombisa ukuthi enzeni. Wayeqinisekile ngaYe uqobo. O!

²¹⁶ Yeka indlela u-Eliya ayeqiniseke ngayo! Waphumela lapho futhi wasika lawo maduna wase ewabeka phansi naphezulu lapho, wabatshela, “Bizani unkulunkulu wenu, uBhali.” Wathi, “Qhubekani, mbizeni kadanyana, mhlawumbe usaphikekela, mhlawumbe usohambweni lokudoba ndawo ndawo, mhlawumbe uvele waba nzima ukunizwa nonke ngesikhathi esisodwa,” wehla wenyuka ezansi lapho. Ngani? Bathi, “Isizathu, o, uyindoda yokukholwa.” Uyindoda, wabona umbono. Akukho-muntu owenze noma yini engayiboni kuqala embonweni, uJesu akazange Yena uqobo, Wathi Akazange.

²¹⁷ Kodwa wathini na? Lapho ewabeka onke laphaya, wathi, “Nkosi, ngikwenzile lokhu ngomyalo waKho.” Amen. Wayeqinisekile. Wathi, “Manje, Nkosi, makwazeke ukuthi Wena unguNkulunkulu, nami ngingumprofethi waKho.” Futhi uMlilo kaNkulunkulu uqala ukuwa ngokwesiprofetho sakhe: “Makaphendule uNkulunkulu okhuluma ngoMlilo.” Akukho ukungaqiniseki ngalokho, Wayazi ukuthi Wayenzani.

²¹⁸ UNkulunkulu onguNkulunkulu makakhulume njengoNkulunkulu. UNkulunkulu ophendula ngoMlilo makabe nguNkulunkulu. Makuthi uNkulunkulu kulobubusuku...

Uma izinqubo zakho zingcono kuneZwi, khona-ke mabakhulume futhi baphulukise abagulayo, futhi behlukanise imicabango, futhi benze lokho uNkulunkulu athi Uyokwenza. Amen. Izinqubo zakho zamahlelo zingcono kuneZwi likaNkulunkulu, khona-ke mazikhulume. Asibabone bevusa ibandla emfundisweni-ze yabo yobuRoma, nokunye nokunye, futhi baveze into ethize efana noJesu Kristu. Asibabone nezimfundiso-ze benze iZwi liphile futhi.

²¹⁹ Beqa iZwi ngezimfundiso-ze zabo, isivumokholo sabo namhlanje, ngoba besaba ukulangabezana nodaba, futhi bayakweqa futhi babeke abantu phezu kwemfundo yobuhlakani esikhundleni samandla okuvuka kukaJesu Kristu, nokubonakaliswa koBuyena baKhe. Amen. Akukho okungaqondakali ngalokho. Kuzame. Impela kuyiqiniso. Yebo, mnumzane.

²²⁰ UJesu wathi, “Angenzi lutho uBaba aze aNgibonise.” Yebo, mnumzane. UJesu wayeqinisekile ngeNkonzo yaKhe waze Wathi, “Hlolani imiBhalo,” manje, indoda ayizukukusho lokho. “Hlolani imiBhalo; ngokuba nithi kuyo ninokuPhila okuPhakade, futhi YiYo efakaza ngaMi.”

²²¹ Ngamanye amazwi, “Anazi yini ukuthi Mina ngiyiZwi na? futhi Ngilapha ukuveza iZwi elathenjiswa na? lokho uNkulunkulu akwethembisa ukuthi uMesiya wayeyokwenza, Ngikhona ukukuqinisekisa na?”

²²² Kungani lelobandla lePentecostal, kulobubusuku, khona-ke na? Yona impela imisebenzi uNkulunkulu athembisa iBandla ukuyenza, besifanele sisukume ngezinyawo zethu eGameni likaJesu Kristu futhi sikwenze.

²²³ Lapho u-Eliya, umprofethi omdala, emelele uKristu, u-Elisha, umprofethi osemusha, wamlandela ngaphesheya kweJordani, lapho ebuya, wayenesabelo esiphindwe kabili. NeBandla lalandela uKristu laya eKalvari, nengubo kaKristu yawa nombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Futhi uJesu wathi, “Lezizinto engenzayo Mina nani niyakuzenza; futhi okukhulu kunalokhu niyakukwenza,” okuningi, “ngoba Ngiya kuBaba waMi.” Amen.

²²⁴ Uphi uNkulunkulu kaJesu Kristu na? Uphi uNkulunkulu owenza lesi sithembiso eBhayibhelini na? Sidinga o-Elisha abengeziwe. Kunjalo. Sidinga amakholwa amaningi kukho. Sidinga amakholwa amaningi eqinisweni, ngoba kube nezivumokholo eziningi ezisontekayo nezinto, yi-yizwi elingaqondakaliyo kubantu.

²²⁵ Ngizama ukukutshela, buyela eBhayibhelini. Ungavumeli muntu akutshela ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ungavumeli muntu akutshela ukuthi uMoya oNgcwele awufani nje njengoba Wake waba njalo. Ungavumeli muntu akutshela ukuthi uJesu Kristu akaphili, futhi khona lapha eBandleni

laKhe kulobubusuku, enza izinto ezifanayo Azenzayo. Akukho okungaqondakali ngakho, Wakwethembisa.

²²⁶ Kodwa abantu ngenkolo yabo bayaphela, baqala ukucabanga, “O, awu, uyazi, lolo uhlobo oluthile lwe...” njengoba benza ngoJesu. Bathi, “Awu, unguBelzabule, ungumbhuli, udeveli.” UBelzebule wayengumoya kadeveli. Bathi Wayekwenza lokho njengombhuli, uBelzabule. Futhi noma ubani uyazi ukuthi ukubhula kungudeveli. Impela kunjalo. Noma yimuphi walowo mhlango wokukhuluma nabafike, nemilingo, nokunye, kungudeveli. Impela kunjalo. Ngudeveli ezama ukulingisa uKristu. Ngoba kukhona udeveli, lokho kukhombisa ukuthi kukhona uKristu; inqobo nje uma kukhona okungalungile, kukhona okulungile okuvela kukho. Amen. Inqobo nje uma sinombhuli, kukhombisa ukuthi sinomprofethi wangempela ndawo ndawo. Kunjalo. O, ngimbonga kanjani uNkulunkulu ngobuhle baKhe!

²²⁷ “Hlolani imiBhalo; kuYo nicabanga ukuthi ninokuPhila okuPhakade, futhi Iyafakaza ngaMi.” Lalelani ukuthini, futhi, Wathi, “Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, uma imisebenzi yaMi ingezwakalisi lowoMsindo othize weVangeli, khona-ke ningakukholwa.” Whewu! Waye... Akukho ukungaqiniseki ngalokho. “Uma Ngingenzi izinto uNkulunkulu athi Ngiyozenza, khona-ke ningaNgikholwa.” Akukho okungaqondakali ngalokho.

²²⁸ “Nizisho ukuthi niyiqembu elingokomBhalo,” Wathi, “futhi uma Ngingazenzi izinto uNkulunkulu azishoyo ze...eNgizozenza, khona-ke ningaNgikholwa. Uma imiBhalo ingazifakazeli ngokwaYo ngaMi, awu, khona-ke ningaNgikholwa.” O, akukho lutho olungaqondakali ngalokho. Qhabo, impela. “Uma Ngingenzi imisebenzi, khona-ke ningaNgikholwa. Kodwa uma Ngenza imisebenzi, khona-ke kholwani yiMi.” Kukhona, impela, alikho izwi elingaqondakaliyo, futhi, ngalokho.

²²⁹ Kanti futhi, Washo lokhu, lalelani manje: “Nginamandla okubeka ukuphila kwaMi phansi, futhi Nginamandla okukuthatha futhi.” Amen. Akukho lutho olungaqondakali ngalokho, kwakukhona na? Ngeqa imiBhalo eminingi ngenxa yokuba leyithi. “Nginamandla okubeka ukuphila kwaMi phansi, Nginamandla okubuye ngikuthathe futhi.”

²³⁰ Lalelani, uJesu wathi, iBhayibheli, uKristu, kuJohane 14:12, “Okholwa yiMi,” hhayi ukuzenzisa, kodwa “okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza.” “Uyaku!” Hhayi, “Mhlasimbe uzokwenza”; “Bekufanele.” “Uzakukwenza.” Akukho okungaqondakali ngalokho, Wathi, “Bayaku.”

²³¹ Hlobo luni lwemisebenzi Ayenzayo na? Hlobo luni lwemisebenzi Alubonisayo na? Wayebizwa ngani na? Udeveli

ngokukwenza. “Uma bebiza uMninindlu ngokuthi uBelzebule, bazobabiza kakhulu kangakanani angabafundi baKhe na?” Akukho ukungaqiniseki, Wathi, “Uma—uma . . . Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza.” Akukho okungaqondakali.

²³² Futhi, Wathi, kuJohane oNgcwele, “Uma nihlala kiMi, neZwi laMi lihlala kini, khona-ke celani enikufisayo,” o, “futhi kuyokwenzelwa wena.” Hhayi akukho *okungaqondakali*, “Nizakuphiwa khona. Kuzakwenziwa.” Akukho okungaqondakali. O, asigaqe siphume kulelogobolondo lofudu!

Bazalwane, madoda kaNkulunkulu, besifazane bakaNkulunkulu, yini indaba ngathi na? Kukhona okumele kusinyakazise, *sihambisa okofudu*.

²³³ Ngenkathi ngisengumfanyana (Niyazi ukuthi luyini ufudu, ufudu na? Sinazo emuva empumalanga, ufudu oludala, sizibiza kanjalo.), mina nomfowethu sabona olulodwa, ngesinye isikhathi, sasingabafo abancanyana, futhi kwakuyinto ebukeya ihlekisa kakhulu owake wayibona, lwaluhamba *kanjalo*. Futhi lapho sifika kulo, lwathi *swushi*, lazifinyeza. Kungikhumbuza abanye abantu, ngishumayela iVangeli kubo, uqala ukukhiphela iVangeli ngaphandle, futhi bathi *swushi*! “Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into enjalo.” Ufudu oludala!

²³⁴ Niyazi ukuthini? Ngathi, “Ngizolwenza luhambe.” Ngaya ngale ngase ngizitholela insabula ngaqala ukulubhaxabula; lokho akusizanga ngalutho. Ngavele ngalubhaxabula, lwavele lwafuthelana. Ungazishaya, uzibhaxabule, wenze noma yini ofuna ukuyenza, ngeke kusize nakancane. Ngathi, “Ngizolulungisa.” Ngalwehlisela emfudlaneni, futhi ngalubhaphathiza, ngalufaka ngaphansi kwamanzi, amagwebu aze abhamuka, futhi yilokho kuphela okwakukhona kukho. Amanzi awasoze akwenza, ungase futhi uyeke ukuqophisana kwakho. Ngavele ngalubamba lapho kwaze kwathi wonke amagwebu avele *abhamuka, abhamuka, abhamuka*, futhi lwaze alwangenza lutho.

²³⁵ Kodwa uyazi ukuthi ngenzeni? Ngazitholela isiqeshana sephepha ngase ngizenzela umlilo omncane, ngase ngibeka umfana omdala phezu kwawo, wahamba-ke. Yilokho esikudingayo kulobubusuku, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele noMlilo, futhi akusikho okuningi kangako isivumokholo sebandla esisekela into. Emuva njengoba okhokho babenakho, sidinga elinye iPhentekoste ezokufaka emgqeni noMoya oNgcwele, eyothuma abantu emadolweni abo, ithumele abantu eBhayibhelini labo, ukuhlola imiBhalo futhi bayibheke.

²³⁶ ALinikezi izwi elingaqondakaliyo, Linikeza khona impela nje iBhayibheli elathi Liyokwenza, lokho uJesu athi

Liyokwenza, “Nihlala kiMi, namaZwi aMi kini, khona-ke celani enikuthandayo.” Ngani? UkuKristu ngokukholwa, neZwi likuwe, lowo nguMoya oNgcwele kuwe, futhi UyiZwi, khona-ke *leliZwi* elishicilelwe liZibonakalisa, liLenze liphile. Impela.

²³⁷ UMarku 16, emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, Wayethuma iBandla laKhe, Wathi, “Hambani niye ezweni lonke, nishumayeke iVangeli kukho konke okudaliweyo. Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa; ongakholwa uyakulahlwa. Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakhholwayo.”

²³⁸ Akukho ukungaqiniseki. Hhayi, “Mhlawumbe bazokwenza”; “Bekufanele.” “*Bayakubalandela abakhholwayo.*” Hhayi, “Bayoxhawulana nomshumayeli, futhi bathathe isinkwa esomile ikosha njalo ngemva kwesikhashana, bakhophe ulimi lwabo, umpristi aphuze iwayini.” Alizange lisho lutho ngalokho. Lathi, “Lezi zibonakaliso ziyakulandela. . .”

²³⁹ O, “Bayokhokha izikweletu zabo, futhi bakhokhe okweshumi kwabo ebandleni, futhi bangabantu abalungile, abaphumelelayo,” Akazange akusho lokho. Wathi, “Lezi zibonakaliso ziyaku,” (Yaku!) “balandela abakhholwayo; ngeGama laMi bayokhipha amademoni; bayokhuluma ngezilimi ezintsha; uma bephatha izinyoka; noma baphuze okubulalayo, akuyikubalimaza; uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Amen. Akukho ukungaqondakali ngalokho. Kwakuyiqiniso.

²⁴⁰ Umprofethi weBhayibheli usitshela ukuthi kuyoba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa. IBhayibheli libikezela ukuthi kuyoba khona iNdodana ka. . . UNkulunkulu ekhanya ngezinsuku zokugcina ngesikhathi sokuhlwa, njengoba nje Lakhanya ngesikhathi sangaphambili, iBandla leBhayibheli, iVangeli leBhayibheli njengoba lalinjalo; kuyakuba njalo.

²⁴¹ UJesu wathi, emiBhalweni, “Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, lapho kwasindiswa khona imiphefumulo eyisishiyagalombili. . . Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, *kuyakuba njalo. . .*” Hhayi qha, “Mhlawumbe, ngiyacabanga. . .” Hhayi. . . Manje vele ubambe lokho kancanyana, ngizokuvumela kuzike. “Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kwasindiswa imiphefumulo eyisishiyagalombili, *kuyakuba njalo* ekufikeni kweNdodana yomuntu. Ngoba isango liwumngcingo, futhi indlela ungumgcingo, kodwa bayobayingcosana abayoyifumana.” O Nkulunkulu! Makuthi—masi—masibe nje yileyo ngcosana.

²⁴² Sizokwenzani na? Ingabe uzoba umgwalisi, noma uzoba yiNto na? Yinye kuphela indlela okwenza ngayo: Uba yiZwi, futhi iZwi liba nguwe; uNkulunkulu kuwe, wena uhlala kuNkulunkulu, noNkulunkulu kuwe.

²⁴³ Futhi, uJesu wethembisa, ngezinsuku zokugcina, ukuthi kuyakuba njalo, ukuthi abeZizwe, ngesikhathi sokuphela,

bayokwemukela isibonakaliso esifanayo naleso abasenza eSodoma, ngaphambi kokushiswa kwalo. Manje bukani kuloluGu oluseNtshonalanga lapho isono singene khona ngamagagasi, singena *kanje*, sivela empumalanga njalo.

²⁴⁴ Ngenkathi iNdiya lihlala lapha...Umuntu-mumbe... Ngangikhuluma nesithunywa senkolo phandle lapha esikhashaneni esedlule, noma ndawo ndawo, Ngacabanga ukuthi ngiyombona futhi, ngangikhuluma naye, isithunywa senkolo kumaNdiya. Ngesikhathi ehlala lapha kwakunokuthula. Into kuphela ababenayo kwakuyimpi yezizwe encane, kungekho ukuziphatha okubi phakathi kwabo. Ngenkathi kungena umlungu, ungena nokuphuza, nabesifazane, nokuziphatha okubi.

²⁴⁵ Futhi kuvela empumalanga, kunqwabelana kuya entshonalanga. Ngeke kusaqhubeka, kunesithiyo somsindo khona *lapha* uNkulunkulu anaso. Lapho kuhlalanga impumalanga nentshonalanga, kuyangena, kuhlupha loluGu lwaseNtshonalanga futhi kulenga, kulenga, kufika osebeni. Futhi ngaso sonke isikhathi lapho kufika kanjalo, kuqala ukuba kubi kakhulu nakakhulu, njengosuku lwamaLuthela, bese-ke kufika usuku lweMethodisti, bese-ke kufika usuku lweBaptisti, bese kuba yiBandla likaNkulunkulu, bese kuba yiNazaretha, kube yiPentecostal.

²⁴⁶ Njalo lapho isitha singena njengozamcolo, uMoya kaNkulunkulu uphakamisa imbanela ngokumelene nakho. Konke lokho, size sibe sesisesikhathini sokuphela manje, lesosibonakaliso sokugcina Asinikezayo. Sike saba nokuphulukisa, nezimangaliso, nokukhuluma ngezilimi, nokukhipha odeveli, nakho konke, ngaphambili, kodwa nakhu la sikhona.

²⁴⁷ Njengoba leyoNgelosi ihlezi ifulathele itende ngomhlane waYo, lapho ayephakathi, phakathi lapho, futhi yasho khona impela lokho ayekusho lapho, uJesu wathi, “Kuyoba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.” Kuyoba kanjalo. U-Israyeli wakwemukela lapho, abeZizwe, amaJuda, amaSamariya, futhi manje abeZizwe. Kuyoba njalo. Kungani? IBhayibheli lathi, “UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade.”

²⁴⁸ Akukho ukungaqiniseki ngakho. Usenguye. Futhi lapho Efika ekugwaleni kwaKhe ngalezizinsuku zokugcina, EZibonakalisa, UZifakazela engofanayo. Amen. “Angenzi lutho ngaphandle kokuthi uBaba aNgibonise kuqala.” O, yeka indlela engifisa ngayo ukwenza abantu bakubone! Niyabo? Ngifisa sengathi ngingakwazi. Kulungile.

²⁴⁹ Akukho okungaqondakali. “UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade.” AmaHebheru 13:8. Ngabe kunjalo na? Impela kunjalo. Wena uthi, “Awu, Mfowethu Branham, angazi ukuthi ngenzeni.” IBhayibheli lathi eZenzweni 2:38,

“Phendukani, nonke nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, khona niyakwamukeliswa isiPhiwo sikaMoya oNgewele.” Hhayi, “Unga.” “Uyaku!” Akukho okungaqondakali ngalokho, hhayi ngisho nokunci ukungaqondakali.

²⁵⁰ Wathi, “NiyaKukwemukela. Ngokuba isithembiso ngesenu, nakubantwana benu, nalabo abakude, ngisho nalabo iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.” Wethembisa ukukwenza. Akukho ukungaqiniseki. NiyakuKwemukela, akukho okungaqondakali.

²⁵¹ UZakewu omdadlana eBhayibhelini, umkakhe, uRebeka, wayengu—umlandeli weNkosi uJesu. Kwakungukuthonya kwakhe okwasiza ukumehlisa lapho, sitshelwa umlando. Uyafuna... Wayefuna uZakewu akholwe uJesu kakhulu kakhulu, ukuthi Wayengumprofethi. Futhi wamtshela, wamtshela, wathi, “S’thandwa, Yena...ukuthi uMuntu ungumprofethi, NgiyaMbona emi lapho futhi esho lokho lowomuntu akubonile enhliziyweni yabo. Manje, bukani lapha, umBhalo uthi... Nakhu impela ukuqinisekiswa ukuthi Yena...”

²⁵² “Awu, Rabi Kabinski,” Ngethemba ukuthi akekho lapha okufana nalelo, kodwa, “uRabi Kabinski wangitshela ukuthi kwakungelutho ngaphandle kwesigejane senkohliso. Yini emlandelayo na? Isigejane sabangenalwazi abangakaze baye esikoleni ngisho nosuku empilweni yabo.” Lowo develi omdala akazange afe. Kulungile. Ngakho wathi, “Bayini na? Angikukholwa.”

²⁵³ Kodwa niyazi, wayemkhulekela njalo. Futhi kwathi ngosuku Afika ngalo edolobheni, wacabanga ukuthi wayezohlangana naYe, futhi abone ukuthi Wayebukeka kanjani. Wayengakholwa ukuthi Wayengumprofethi, ngakho wathi, “NgizoMkhohlisa nje. Ngizogibela esihlahleni, futhi ngiMbuke lapho Edlula.” Futhi wazimboza, wakhwela esihlahleni.

²⁵⁴ Nangu uJesu eza ehla ngomgwaqo, ehambisana *kanje*. Wafika ngaphansi kwesihlahla ngqo, wabheka phezulu esihlahleni, wayesethi, “Zakewu, yehla.” Akukho okungaqondakali ngalokho.

²⁵⁵ UZakewu wathi, “Yebo, Nkosi, nangu mina. Uma ngenze okuthile okungalungile, ngizokulungisa.” Wazi ukuthi wayengubani, futhi wazi ukuthi wayephezulu lapho kulesosihlahla futhi.

²⁵⁶ “Zakewu, yehla; Ngiya nawe ekhaya esidlweni sasemini.” Wadedela amagantsha, futhi ngangu eza. Wazi ukuthi Lowo kwakunguMesiya. Kwakungekho izwi elingaqondakaliyo ngalokho. Wayazi ukuthi Kwakuyikho.

²⁵⁷ Kodwa, namuhla, leyonto efanayo ingenzeka, uthi, “O, awu, bekungumhlangano omuhle impela, ngiyacabanga.” O, ndoda!

LeliVangeli elingaxutshiwe lishunyayelwa esizukulwaneni esiphendukezelwe, kuyinto edabukisa kakhulu. Kodwa nokho, umusa kaNkulunkulu uyaLiphoqelela ukuthi liqhubeke noma kanjani, “engathandi ukuba kubhubhe namunye, kodwa ukuba bonke beze ekuphendukeni.” Yebo.

²⁵⁸ Wayengazi kuphela ukuthi wayesesihlahleni, kodwa Wayazi ukuthi wayengubani, “Yehla.” Lokho kwamkhipha sonke isitashi. Niyazi, uba yilungu eliphelele likaSoseshini weFull Gospel Business Men ezansi lapho, ngiyakholwa, ezansi e... ezansi lapho. Ngani impela. Wayeqinisekile ukuthi Lowo kwakunguMesiya. Akunandaba ukuthi uRebeka wenzeni, noma ukuthi uRebeka utheni, wazibonela yena. Yebo, mnumzane.

²⁵⁹ UNathanayeli, lesosifundiswa esiqeqeshwe kahle ebesikhuluma ngaso ngobunye ubusuku, lapho ekhuphuka lapho, wathi, “Ngizohamba ngiyozibonela mina.”

Futhi lapho efika, Wathi, “Bheka, u—umIsrayeli okungekho nkohliso kuye!”

Wathi, “Ungaze nini, Rabi na?”

Wathi, “Ungakabizwa nguFiliphu, ngenkathi ungaphansi kwesihlahla, Ngakubona.”

²⁶⁰ “Wena uyiNkosi yakwa-Israyeli; Wena uyiNdodana kaNkulunkulu.” Akukho ukungaqiniseki ngalokho. Wayazi impela ukuthi wayengaphansi kwesihlahla. O, yebo. Akakaze athi, “Ngani, labobaFarisi bathi lowo nguBelzabule!” Kodwa hhayi uZakewu. Wayazi ukuthi nguye owayengaphansi kwesihlahla. Alikho izwi elingaqondakaliyo kuZakewu. Igama lakhe alinakufa kulobubusuku, futhi liyoba njalo ngoba wasindiswa.

²⁶¹ Lowo wesifazane omncane emthonjeni, wayebone okuningi kabi ngazo zonke izinkolo zabo, namabandla, ne—nesayense yezenkolo yangalolosuku waze wadinwa wakhathala yikho konke, akazange aye kukho. Angazi, ukuthi wayenjani nje. Umntwana ompofu mhlawumbe, ngabazali abangalungile, wakhishelwa emgwaqweni, futhi uba isifebe. Mhlawumbe umfo omncane ompofu wayengenakho. . .

²⁶² Ake ngikutshale, baningi abesifazane ababi, siyakwazi lokho, kodwa angeke ube ngowesifazane omubi ngaphandle, kokuba yindoda embi, niyazi. Ngakho kufanele kube nomuntu ozomenza abe mubi. Ngakho, futhi ngezinye izikhathi lezozinganyana zixoshwa ngumama omubi, ziphumele emabhaleni nakho konke.

²⁶³ Ukhuluma ngobuhlongandlebe bentsha, mina ngithi ubuhlongandlebe babazali. Ukhuluma ngokungazi kwabantu baseKentucky, abanye babo omama abadala phandle lapho, bavumele amadodakazi abo afike ekhaya ekuseni ezigcobe izindebe ebusweni bawo bonke, nezinwele eziphothiwe

zonke, nezingubo zisuswe ingxenywe kubo, zinenhlabathi ingxenywe, ephethe usikilidi esandleni sawo, athathe ucwecwana lokhuni, noma elinye lamahlumela esihlahla sehikori phandle lapho, futhi ubezokwazi lapho iphuma ngokulandelayo! Bese uthi, “Ongafundile.” Bangakwazi ukufundisa lesi sigejane sezixhwanguxhwangu indlela yokukhulisa abantwana. Lokho ngukuthi. . . O kulungile, mhlawumbe bekungafanele ngikusho lokho. Awu, qha, angikuhoxisi, ngikusho lokho ngenkathi uMoya oNgcwele ungicoba. Kunjalo, kunjalo impela. Yebo, mnumzane. Namuhla, mm! O, he.

²⁶⁴ Lowo wesifazane omncane, wazulazula waya emthonjeni ngalokho kusa, mhlawumbe amasongo akhe wonke elengela phansi, mhlawumbe ubephumile ubusuku bonke, angazi. Waphuma cishe ngeleshumi nanye nqo ukuzokha amanzi osuku, futhi ngenkathi ebuka laphaya futhi ebona leloJuda, leloJuda lathi, “Hamba, ulande indoda yakho.”

Wathi, “Anginayo.”

Wathi, “Ukhuluma iqiniso. Ubunamahlanu; kanti le ohlala nayo akuyona eyakho.” Bakithi!

²⁶⁵ Wathi, “Mnumzane,” alikho izwi elingaqondakaliyo, akukho okungaqondakali ngakho, “Ngiyabona ukuthi Wena ungumprofethi. Manje, ngiyazi ukuthi lapho uMesiya efika, nathi sonke ezansi lapha eSikari siyafundiswa, thina maSamariya, ukuthi lapho uMesiya efika Uyokwenza lokhu. Ngiyazibuza ukuthi UNgubani.”

UJesu wathi, “NginguYe.” Alikho izwi elingaqondakaliyo, Wathi, “NginguYe.”

Omunye wathi Akazange avume ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu. Kuthiwani ngalokho na? Wathi, “NginguYe okhuluma nawe.”

²⁶⁶ Qaphelani. Mfowethu, akashongo, manje, “Ingabe kufanele ngiye esikoleni futhi ngifunde isayense yezenkolo ethile?” Wagijima wangena emzini futhi wathi, “Wozani, nibone uMuntu, ongitshele izinto engenzile. Akuyena yini Yena kanye uMesiya na?” Akukho okungaqondakali ngalokho. Qhabo, mnumzane, wayazi. Wathi, “Siyafundiswa lapho uMesiya efika, yilokho Azokwenza.”

²⁶⁷ Manje, orabi babecabanga ukuthi Wayefanele enze *ukuthi-nokuthi*, *lelihlelo* lalibabanga *lokho*, futhi *leli* lalinendlela yalo, futhi bonke behlukanisiwe nakho konke, futhi bonke betashiwe, futhi befundile baphuma, futhi bekhukhumaliswe ngaphakathi, futhi o, njengabanye balaba besifazane abazama ukuzelula ngalezi zingubo zesimanje njengesoseji elihlutshuliwe, noma ngandlela thize njengokuthi, kwehla kanjalo, ukungena nokuphuma, nokuphuma nokuphuma. Angikusho lokho ukwenzela ihlaya. Lena akuyona indawo yokwenza ihlaya,

lena yindawo yokwenza iqiniso, iqiniso. Kunjalo. Kuyihlazo nechilo.

²⁶⁸ Futhi lokho akulona ichilo ukwedlula abantu abazamayo ukuthatha uhlobo oluthile lwemfundiso-ze ayihlohle phansi entanyeni yomfo. Uma uya endaweni othenga udlele luyo futhi uthole isitsha sesobho, futhi lalinesicabucabu phakathi kulo, ubuyomangalela leyo ndawo othenga udlele kuyo, kodwa nidedela amanye alawa amakhaza ezidumbu amadala abandayo angene lapha nethemomita yawo yokomoya ibe inkulungwane ngaphansi kokuvamile, futhi bakujoye ngolunye lwaloloketshezi lokugqumisa abanalo phakathi lapho, ngenkathi wena... akugcine ufile zonke izinsuku zokuphila kwakho, bese-ke ungasho lutho ngakho, lapho lowomzimba uzofa noma kanjani, kodwa lowomphefumulo uphila phakade ndawondawo. Yini indaba na? Kukhona izwi elingaqondakaliyo kukho.

²⁶⁹ UJesu wathi, “Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza.” Akukho okungaqondakali ngalokho. “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Kunjalo. “Okholwa yiMi, noma efile, wophila. Nophila akholwe yiMi akasoze afa.” Akukho okungaqondakali ngalokho. Uvuko luqinisekile. Kunjalo.

²⁷⁰ “Odlala inyama yaMi, aphuze iGazi laMi, unokuPhila okuPhakade; futhi Ngiyakumvusa ngosuku lokugcina.” “Kodwa osidlayo aphuze ngokungafanele, uzidlela futhi aziphuzele ukulahlwa, engawahlukanisi uMzimba weNkosi.” Akukho ukungaqiniseki nganoma ikuphi kwakho. Kunjalo. Uma usidla ngokufanele, uhamba eZwini, ekukholweni, uNkulunkulu wethembisa ukuvuka. Uma usidla ngokungafanele, usuke ufile ngalesosikhathi lapho uphila. IBhayibheli lathi owesifazane ophila ekuzijabuliseni ufile esaphila. Impela. IBhayibheli lakusho lokho. Lelo yiZwi likaNkulunkulu elingenasiphelo, Lingeququke. Impela. O, alikho izwi elingaqondakaliyo!

²⁷¹ Lapha esikhathini esingeside esedule, ngangisezansi eMexico. Ngivala. Besinomhlangano omkhulu. UJenene uValdena, abaningi benu bayamazi, lowo jenene waseMexico omkhulu, waya kumbusi, wathola imvume yokuba ngingene. Futhi umbhishobhi eRoma, ehe, umbhishobhi oyiRoma, umbhishobhi weKatolika waya kuye wathi, “Mnumzane, le ndoda, iyangena ayilona iKatolika.” Wathi, “Uhulumeni wethu akufanele akuvumele okunjalo.”

²⁷² “O,” umbhishobhi wathi, “UJenene uValdena uyamngenisa. Ngicabanga ukuthi ungumuntu onedumela elihle. Yena... Bathi unezixuku ezinkulu zabantu,” nokunye nokunye.

“O,” wathi, “akukho okuphuma ukuyozwa lezozinto, njengalokho, kodwa abangenalwazi nabangafundile.”

273 Umonga- . . . Umongameli wathi kuye, wathi, “Mnumzane, usube nabo iminyaka engamakhulu amahlanu, kungani bengazi futhi bengafundile na?” Wathi, “Ngokwazi kwami, angeza.”

274 O, he! Ngingakwazi ukuhamba ngidabule lapho, ngithi, “E-hhe.” Ngaqhubeka ngangena, ngangena lapho, futhi ngaba nomhlangano. Labo abampofu baseMexico! Cishe nje ubusuku obuthathu yikho kuphela ebesinakho ukubeka indawo yetafula, lapho izinkulungwane ziphindwe ngezinkulungwane . . .

275 Bangaki abazi uMfowethu Espinoza, owaseMexico umhu- . . . ezansi lapha, umfowethu, ezansi lapha, eCalifornia? Wayengumhumushi wami. Ngizibonile ezinye zezandla zenu ziphakama. Wayengitolikela.

276 Ngalobobusuku, oza emsamo, babengakaze bayibone into efana nayo. Lapho bonke bema, kungekho ndawo yokuhlala. Bahlala lapho ngehora lesishiyagalolunye ekuseni kwaze kwaba yihora lesishiyagalolunye ngalobobusuku, ngenkathi ngifika lapho, bencikene omunye nomunye, benqwabelanisa abagulayo babo ezinqumbini *kanjalo* (Makube uMfowethu-Espinoza onibonisa izithombe.), kanye nemithwalo yezimoto yezihlalo ezinamasondo nezinhlaka.

277 Oza enqamula emsamo ngalobobusuku obubodwa, ikhehla laseMexico lafika, futhi lalihamba . . . laliyimpumpethe. Lalinesigqoko esidala esithungwe ngentambo ephothiwe, lingenazicathulo ezinyaweni, njengonyawo lwebhere ngaphansi, ibhulukwe imilenze iye phezulu, liklebhukile, ijazi elidala elimanikiniki, ligcwele izintuli, likhuphuka liphuphuthekile. Lafaka isandla kulelo phokethe elidala elimanikiniki futhi lakhipha isiphambano esincane sokubethelwa kukaJesu, lalizothi “Yethi, Mariya,” Ngalitshele ngoMfowethu Espinoza, “Faka lento ephaketheni lakho,” lase liza ngalapho.

278 Futhi ngabuka umfo omdala ompofu, ngacabanga, “He!” Liyimpumpethe njengoba belingaba njalo, ngacabanga, “Ukube ubabayi wami ubephilile, ngabe ubeyoba kuleyo minyaka.” Nakhu ngangigqoke isudi enhle yezingubo, nezicathulo ezinhle, futhi nakho kumi lelo khehla lingenalutho. Ngacabanga, “Mhlawumbe alikaze libe nokudla okuhloniphekile ekuphileni kwalo, futhi ngidla okumnandi.”

279 Ngibeke unyawo lwami eceleni kolwalo, ngibone ukuthi izicathulo zami zaziyoilingana yini, ngacabanga ukuthi ngingazihosha, ibandla belingele linake. Ngancikisa amahlombe ami kwawalo, ngibone ukuthi amahlombe ami ayonela—yolanela, ngejazi lami. Kubobala, lalilikhulu kakhulu, futhi izinyawo zalo zazinkulu kakhulu, futhi angikwazanga. “O Nkulunkulu, buka lapho.” Ngaphambi kokuba uze ukhulekele abantu, ufanele usizwele isimo sabo—sabo. Ufanele ubazwele.

280 Yilokho engingakuqondi namuhla, amahlelo ethu zandisa, futhi akha izakhiwo zezigidi zamadola, futhi eshumayela ukuthi

ukufika kweNkosi sekuseduze, nezithunywa zenkolo ezincane ezimpofu ngaleya zingenazo ngisho izicathulo ezinyaweni zazo, ziphethe leliVangeli likaJesu Kristu.

²⁸¹ Ngenkathi benza umnikelo laphaya, owesifazane omdadlana wenyuka, engenalutho ngaphandle kokugqoka amasandali amancane kuphela, futhi wawafaka abe ngumnikelo, wacabanga ukuthi omunye wesifazane angawasebenzisa kangcono kunaye. Futhi kulobubusuku, thina nokuningi kwethu...O, Nkulunkulu, ungangivumeli ngiqale kulokho. Yebo, mnumzane. Singazibeka kanjani izigidi zamadola (Uthi, “Awu, ababona abeqembu lethu.” Nkulunkulu yiba nomusa, lapho umuntu esusa umqondo wakhe eqenjini. Ku*Lapho* esikhuluma ngakho, phezulu *Lapho!* Yima kuleliZwi!), ngenkathi labobantu abampofu bengazi ngisho ukuthi yisiphi isandla sokunene nesokhohlo, futhi bafuna ukwazi uKristu na?

²⁸² Lapho labobantu baseMexico abampofu bemi lapho, bencikene. Ngabuka umfo omdala, futhi ngacabanga, “Nkulunkulu, yiba nomusa.” Ngiyazi into eyodwa kuphela engingayenza, angikwazi ukukhuluma ulwimi lwakhe, ngavele ngamsondeza eduze kwami, ngathi, “Baba oseZulwini, ngiyalikhulekela ikhehla elimpofu.” Abawuhumushi umkhuleko. Ngathi, “Ngiyalikhulekela.” Ngathi, “Ngiyacela...”

²⁸³ Ngase ngivula amehlo ami, futhi nango wayemi phambi kwami, engibhekile. Akukho okungaqondakali ngalokho, Mfowethu. Qhabo, qhabo. Emzuzwaneni ngamuzwa ememeza, “Gloria a Dios!” Kusho “Udumo kuNkulunkulu.” Nakho la wayekhona, wayebona kahle njengami. Wahamba eqhubeka phansi naphezulu edabula lapho, ememeza futhi edumisa uNkulunkulu.

²⁸⁴ Futhi ngobusuku obulandelayo, kwakukhona, cishe izikhathi ezintathu noma ezine kulomsamo, kwakukhona izinqwaba zamatshali amadala namajazi amadala amanikiniki ephakeme *kangako* ukuba akhulekelwe. Lapha babekwazi... Kwadingeka bangehlise phezu kwaleso siyingi sezinkunzi sento, ngentambo engizongolozele *kanje*, ukuze angene lapho okwakukhona abantu. Futhi ngehlela lapho, futhi kwaba... lalina usuku lonke gulukunqu, futhi lapho bema, belele, benqwabelene phezu komunye nomunye, nayo yonke into, usuku lonke.

²⁸⁵ Futhi kwakukade kunowesifazane omncane lapho ngalobobusuku, owesifazane omncane oyiKatolika, ngobusuku bakuthangi, wayenengane egulayo, yayingakwazi ukungena lapho yayikhona. Futhi ngakusasa ekuseni wayenengane yakhe kudokotela, yafa, khona kanye ehhovisi likadokotela ngehora lesishiyagalolunye nqo iphethwe inyumoniya, base beletha ingane encane. Ubekade...waqhubeka wabuyela

lapho, cishe ihora leshumi. Wama lapho kuleyomvula usuku lonke gulukunqu, nalapho umfowethu ekhipha amakhadi omkhuleko. . . Umfowethu, ngangimbiza ngo “Mañana,” ngoba wayenensa kakhulu. Akazange enze lutho. Futhi mina. . . Uyeza, kwakufanele angilande ngelesikhombisa nqo, futhi angilande cishe ngelesishiyagalolunye. Ngathi, “Mañana”; kusho “kusasa,” niyazi. Ngakho wayekhipha amakhadi omkhuleko. Futhi wakhhipha amakhadi akhe omkhuleko, futhi akazange alithole.

²⁸⁶ Ngenkathi bengehliisa esiyingini, ngaphumela lapho futhi, emsamo, ngaqala ukukhuluma: *Ukukholwa Kuyiqiniso Ngezinto Ezithenjwayo*, ngathi, “Manje, uJesu Kristu, eBhayibheli, abaningi benu bantu balifundile iBhayibheli,” uMfowethu Espinoza enikeza incazelo, ngathi, “lokho Ayeyikho, Ufanele ahlale enjalo. Lokho Ayeyikho. . . Wathi Akenzanga lutho uBaba waze waMkhombisa. Noma yini uBaba aMkhombisa yona, Wakwenza. Ngamanye amazwi, Walingisa emdlalweni wasesitezi. Kuyikho du.” Futhi njengoba ngisho lokho, ngathi, “Lokho ukukholwa kwaKhe, ngoba uBaba wayeMbonisile, Wayazi ukuthi ukuthi kufanele enzeni.”

Futhi cishe ngalesosikhathi uBilly uyafika, wangidonsa ngejazi, wathi, “Babayi, kuzomele wenze okuthile.”

Ngathi, “Yini indaba na?”

²⁸⁷ Wathi, “Nginabangenisi abangamakhulu ayisithupha abemi ezansi *lapho*, futhi kukhona owesifazane omncane onengane efile ezingalweni zakhe, futhi uyokhwela emihlane yabo, futhi agijime antshume phakathi kwemilenze yabo. Futhi akanalo ikhadi lomkhuleko, futhi thina. . . abekho abangenisi abenele” amakhulu ayisithupha, “ukumvimba emsamo.”

²⁸⁸ Mfowethu, wayezimisele. Kunjalo. Wayenesineke. Wayeqonde ngempela ukufika lapho, yilokho kuphela. Wakholwa, kwakubekhona uMsindo omshayile, futhi kwakungaqondakali. Wayazi ukuthi uma uNkulunkulu wake waba nguNkulunkulu, WayenguNkulunkulu nanamhlanje.

²⁸⁹ Ngathi kuMfowethu Jack Moore, abaningi benu bayamazi, waseShreveport, futhi ngathi, “Mfowethu Jack, akangazi, qhubekela laphaya, futhi wehle udabule kulabo bangenisi, futhi ukhulekele ingane. Akasoze awazi umehluko, qhubeka.”

Wathi, “Kulungile, Mfowethu Branham.” Waqala.

Futhi uMfowethu Espinoza wathi, “Ngizothini na?”

²⁹⁰ “Qhubeka nje usho njengoba ngishilo.” Ngathi, “Njengoba bengisho, uJesu wathi Wenza. . .” Ngabuka, kumi phambi kwami, khona lapho kuhlezi ethunzini, khona kanye phambi kwami kwakuyingane encane yaseMexico, ingenamazinyo, izinsini zayo nje ezincane, ingisinekela. O, Mfowethu, akukho okungaqondakali ngalokho! Ngathi, “Awume kancane, Mfowethu Jack, mtshele ukuthi alethe ingane lapha.”

²⁹¹ Abangenisi bahlehla, nalo omncane, owesifazane omncane omuhle weza egijima phezulu lapho, futhi waguqa ngamadolo waqala ukumpongoloza, “Padre! Padre!” Kusho “Fata.”

Futhi ngathi, “Sukuma.”

²⁹² Futhi uMfowethu Espinoza wamtshela, “Sukuma.” Futhi yena, ephethe lengane encane, ingubo phezu kwayo, isimo esincane esiqinile simanzi njengoba sasingaba njalo, kade simi lapho kusukela ngeleshumi nqo ngalokho kusa, kwakungalesi sikhathi ebusuku. Cishe ngehora leshumi langena lapho.

²⁹³ Futhi ngathi, “Mfowethu Espinoza, ungakuhumushi lokhu. Ngivele ngabona umbono, angazi ukuthi usho ukuthini. Ngibone leyongane encane, kwakubukeka njengayo, imi khona lapha.” Ngabeka izandla zami phezu kwalolo hlaka olubandayo, ngathi, “Baba waseZulwini, angazi ukuthi lokhu kusho ukuthini, kodwa Wena wakhuluma. Futhi bengithi nje Wena uthe Awenzanga lutho uBaba aze aKukhombise. Ibisho ukuthini leyongane encane ngenkathi imamatheka phambi kwami na?”

²⁹⁴ Ngalesosikhathi ingane encane yathi, “Wa, wa, wa.” Alikho izwi elingaqondakaliyo. He, wonke umuntu uqala ukuklabalasa nokuwa. Bangizongolozela ngezintambo, baphinde bangikhipha esibayeni, ukuze bangisuse esibhcongweni esasiza njengoba sasinjalo, abantu beza ngamandla abo.

²⁹⁵ Ngathi, “Mfowethu Espinoza, ungakushicileli lokho. Okokuqala, yonke into esiyishicilelayo kufanele kubhalwe phansi.” Yebo, mnumzane. Ngathi, “Angazi ukuthi yini owesifazane. . . Ngisanda kuyibona ingane.”

²⁹⁶ Futhi wabeka indoda nowesifazane, futhi ngakusasa ekuseni wakuthola, waya kudokotela, nodokotela wasayina isitatimende. Kwakukwi *Voice* yeFull Gospel Business Men. Ngenkathi lezozinto zishicilelwa, kuzodingeka kube nokuthile okuzokusekela. Futhi kwakukhona udokotela osayinile, “Ngiyasho ukuthi ukushaya kwenhliziyo yengane akusekho, ifile, ngalokho kusa ngehora lesishiyagalolunye nqo. Futhi ngakusasa ekuseni yayisisehho visi lami, iphila saka.” Kuyini na? Akulona izwi elingaqondakaliyo lelo. Lokho kusho ukuthi uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade. Haleluya! Uyakukholwa na?

²⁹⁷ Asikhothamise amakhanda ethu-ke. Ngeke nje ngiqhubeke, Ngizobuya ngesinye isikhathi ukuzonitholela yonke lemiBhalo. Niyakholwa na? “Uma icilongo likhala ngezwi elingaqondakaliyo, ngubani ongazilungisela impi na?”

²⁹⁸ O, kukhona impi eza kini nonke, futhi leyo yimpi yokufa, nifanele nihlangabezane nayo. Niyakhumbula izolo ebusuku na? Kodwa kwakukhona iQhawe elilodwa elikhulu Elahamba phambi kwakho futhi lakudonsela udosi. Lavuka kwabafileyo, Liphila kuze kube phakade. Alikho izwi elingaqondakaliyo, ophilayo kuze kube phakade, Likhona khona lapha manje.

Alehluleki, LinguKristu. NiyaMkholwa na? Yibani nokukholwa nje.

²⁹⁹ Bangaki phakathi lapha ongenawo amakhadi omkhuleko na? Ngileyithi kakhulu ukuqhuba umugqa womkhuleko njengamanje, ngizobathola kusasa. Nina ongenalo ikhadi lomkhuleko, phakamisani izandla zenu ukuze ngibone. Kulungile. Kuthi nje akube, ngokwejwayelekile, yonke indawo. Kholwa.

³⁰⁰ Uyakholwa ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade na? IBhayibheli lasho ukuthi uJesu Kristu ungumPristi oMkhulu ongazwelana nobuthakathaka bethu. Ngabe kunjalo na? Alikho izwi elingaqondakali ngalokho. Lelo yiBhayibheli. Uyakholwa ukuthi Linikeza uMsindo olungile na? Wonke amaZwi aLo ayiqiniso. Akudingi kuhunyushwa, iBhayibheli lathi Linjalo . . . umBhalo awusiyo incazelo yangasese, Selivele lihunyushwa ngendlela Elilotshwe ngayo. Alidingi noma iyiphi imfundisoze yengezwe kuLo ukuLenza ngale ndlela. Lidinga ukuba ngendlela eLiyilo, “Noma ubani oyosusa iZwi elilodwa kuLo, noma enezele elilodwa kuLo . . .” Uyakholwa.

³⁰¹ Uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, umPristi oMkhulu ofanayo, yiba nokukholwa futhi uthinte umphetho wengubo yaKhe, ohlezi ngakwesokunene soBukhosi bukaNkulunkulu eZulwini, futhi ubone ukuthi Akakuphenduli yini. Manje, engikufundisile kuyoba amazwi ayize uma kungokukaNkulunkulu . . . uma uKristu wafa futhi akaphindanga avuke, uma Engavukanga.

³⁰² Uyabo, ngizama ukukutshela, mngane, akukaze kube khona lokhu, akukho rekhodi lakho, buza noma yimuphi umfundi weBhayibheli, buza noma yisiphi—noma yisiphi isazimlando, akukaze kube nerekhodi lalokhu kwenziwa ebandleni lobuKristu, kusukela ekufeni kwabaphostoli, akukho ndawo emlandweni, kodwa nakhu ngesikhathi sokuhlwa. Yisikhathi sabeZizwe manje, uNkulunkulu wakuthembisa. Aniboni ukuthi ngumBhalo na?

³⁰³ Manje, kholwani. Ngibheke. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke, ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu, futhi Wangithuma njengesithunywa kuwe. Futhi angishongo amazwi ami uqobo, ngisho amaZwi aKhe; Angiwakholwa amazwi ami, ngikhoholwa amaZwi aKhe. Uma umcabango wami uphambene namaZwi aKhe, umcabango wami awulungile.

³⁰⁴ Futhi uma iZwi laKhe lihlezi phakathi *lapha*, nesithembiso Asisho, “Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza,” futhi iBhayibheli lathi iZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, nomaHluleli wemicabango yenhliziyi, niyakhoholwa.

³⁰⁵ Bangaki abasibonile isithombe saleyoNgelosi, lokho kuKhanya na? Ya, ngicabanga ukuthi niyizwile indaba.

Umpathi kanye nabo bakutshelile ngakho. Akuwona amafidi amabili ukusuka lapho engimi khona njengamanje. Alikho izwi elingaqondakali ngalokho. Kuyiqiniso.

³⁰⁶ Angikwazi ukuphulukisa, akekho ongaphulukisa, akekho udokotela ongaphulukisa. Akekho udokotela ozokutshela ukuthi angakwenza, umuthi awuphulukisi, uwusizo kuphela. IZelamani zakwaMayo zathi, “Asisho ukuthi singabaphulukisi, sithi sisiza imvelo kuphela. Munye uMphulukisi, lowo nguNkulunkulu.”

³⁰⁷ Udokotela angayihlela ingalo yakho, kodwa Ubani oyiphulukisayo na? Ubani odala amagqamuzana na? Udokotela angalikhapha izinyo, kodwa Ubani owelapha ingoxe eliphuma kuyo na? Udokotela angasua isimila kuwe, kodwa Ubani ophulukisa indawo na? khipha ubambo, kodwa Ubani ophulukisa imbobo lapho luphuma khona na? UNkulunkulu nguye yedwa uMphulukisi. UnguMdali, futhi kubiza uMdali ukuba akwenze. Abakwazi ukuphindaphinda amagqamuzana, lowo nguNkulunkulu kuphela. Yiba nokukholwa nje.

³⁰⁸ Omunye, ongenalo ikhadi lomkhuleko manje, ongeke abe semgqeni, kholwa nje. Nanto inenekazi, elihlezi khona lapha, uhlobo lowesifazane oneminyaka emaphakathi, osekhulile, ogqoke ingubo ephinki, uhlushwa ukukhwehlela emithanjaneni yomoya. Uma ezokholwa ngenhliziyo yakhe yonke, ukukhwehlela kuzomshiya. Uyakukholwa, uzokwemukela na? Phakamisa isandla sakho, bese uthi, “Ngiyakwamukela.” UNkulunkulu akubusise.

³⁰⁹ Angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami. Anikuboni lokho kuKhanya okulenga phezu kowesifazane lapho, nokho na? Manje, nakhu Kunyakaza, kwenyukela lapha. Yiba nenhlonipho, yiba nehlonipho, ngiyacela. Unganyakazi. Niyabo, ngamunye wenu ungumoya. Futhi lapho ku, lokho kugcotshwa kufika, lapho unyakaza, niyabo, khona—ku—kungaphansi kwawo wonke umoya. Niyabo? Bangaki abaziyo ukuthi iBhayibheli lasho isikhonzi somprofethi . . . isikhonzi . . . ? Hloniphani ngempela, ningathi nyaka. Kungishiyaile.

³¹⁰ Yindoda, ehlushwa yinkathazo yenhliziyu. Mnu. Bailey, uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyu yakho, uNkulunkulu uzokuphilisa. Kwamukele? Kulungile, Mnumzane, sukuma ume ngezinyawo zakho futhi ukwamukele, nenkathazo yakho yenhliziyu izokushiya.

³¹¹ Nanguya. Angiyazi le ndoda, angikaze ngiyibone empilweni yami, siyizihambi ngokuphelele. Kodwa leyondoda ibihlezi lapho, ikhulekela—ke iNkosi uJesu ukuthi ithinte umzimba wayo. Ngabe kunjalo, Mfowethu Bailey? Kholwa ngayo yonke inhliziyu yakho manje, futhi kuzobe kungasekho.

³¹² Lapha, umzuzu nje. Nansi enye indoda ivela, omunye ekhuleka. Yindoda enenkathazo yesisu. Mnu. Cooper, kholwa

ngenhliziyi yakho yonke. Inkathazo yakho yesisu isikushiyile, Mnumzane. Kube yisisu esinokwethuka sikuhlupha isikhathi eside, asisekho manje.

³¹³ Angiyazi indoda, angikaze ngiyibone empilweni yami. Yibuze uthole. [Umfowethu uthi, “Yiqiniso lelo. Ngiyamazi, Mfowethu. Kunjalo.”—Umhl.] Uyamazi? [“Yebo.”] Kulungile. Ngabe yilokho okuyinkathazo, futhi noma yini Ekushoyo kuyiqiniso na? Lowo umelusi wakho. Kholwa. Ungangabazi.

³¹⁴ Indoda ehlezi lapha ingibhekile, inenkathazo emehlweni ayo, inkathazo ngemilenze yayo. Iyisihambi kimi, ivela eBritish Columbia, eCanada. Izokholwa ngayo yonke inhliziyi yayo, konke kuzoyishiya. Uma ufuna ukukholwa, kulungile, uNkulunkulu uzokupha khona.

³¹⁵ Owesifazane omncane ohlezi ngapha ekhuleka, unenkathazo yesisu, unento efana nengilo lesisu. Ngiyisihambi kowesifazane. Ukuvuvukala, amanzi ezindlaleni, ngicabanga ukuthi bayibiza ngegilo lesisu. Angikwazi, nenekazi. Ubonakala uyikholwa. Siyizihambi komunye nomunye na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu na? Ngibuke, khona-ke. Awuveli lapha, ungowase-Idaho. Kunjalo. Igama lakho nguNkk. Smith. Buyela ekhaya, into izokushiya, uma nje uzoyikholwa eGameni likaJesu Kristu.

³¹⁶ Uyakukholwa na? Lalelani, zethameli, ngolunye usuku kwakukhona umalusi omncane owayethunye nguyise ukuba eluse izimvu. Ingonyama yangena yase ithatha imvu yayikhipha, wayengenakho okuningi kakhulu okwakumelwe ayilandele ngakho, kodwa wayenokukholwa kuNkulunkulu. Wathatha indwayimane esincane futhi waphuma futhi wayithola leyomvu, wase eyibuyisa, ngoba uyise wayeyidinga leyomvu.

³¹⁷ Ngingumalusi wezimvu omncane nje, uBaba ungithumile phezulu lapha. Umdlavuzi, nezifo, izinhlupheko zabamba izimvu zaKhe. Anginakho kakhulu ukukulandela, ngingomkhuleko nokukholwa, kodwa ngiyakulandela. Ngifuna ukukubuyisela emuva, kulobubusuku, emadlelweni aluhlaza anomthunzi onempilo enhle. Ngizela wena manje ngomkhuleko. Uzongikholwa na? Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye khona-ke.

³¹⁸ Alikho izwi elingaqondakali. UJesu wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Phezulu lapha futhi, kunenqwaba yokugula phezulu lapha, ngingodlile. Ngingodlile, ngoba ningabefundisi nabahlabeleli. Aninjalo... Ningacabangi ukuthi angazi ukuthi nenzani.

³¹⁹ Beka izandla zakho komunye nomunye. Ungangabazi. Wonke amakholwa, ungazikhulekeli, khulekela umuntu obeke izandla zakho kuye, uyakukhulekela, khuleka ngendlela oyokhuleka ngayo. UJesu wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebefa izandla zabo phezu

kwabagulayo, bayosinda.” Akukho ukungaqiniseki ngakho. Lowo ngumsindo oqondakalayo.

³²⁰ Baba waseZulwini, uDavide omncane wasendulo, wayazi ukuthi uyise wayezithanda lezozimvu, futhi wayenomthwalo ngazo, nakuba wayefanele athathe induku yakhe, futhi aziphindisele emgqeni, futhi ngezinye izikhathi azichoboze kancane, kodwa zaziyimvu zikayise. Nkulunkulu, ngolunye usuku ingonyama yangena futhi yathola eyodwa, futhi wayilandela, Wawunaye wambuyisa. Nkulunkulu, ukugula, izifo, ukuhlupheka kungenile, futhi kwathola amanye alamawundlu amancane, futhi uyawakhipha ukuze awabulale. Ngiza kuWe, kulobubusuku, Nkosi, ngibenze babeka izandla zabo phezu komunye nomunye, isibonakaliso esiqinisekile uNkulunkulu athi siyolandela amakholwa. Baphakamise izandla zabo ukuthi bebengamakholwa, futhi siyeza ukuzobabuyisa.

³²¹ Sathane, eGameni likaJesu Kristu, bakhulule. Bayeke bahambe. EGameni likaJesu Kristu, ngiyala udeveli wokungakholwa ukuthi asuke kulesisakhiwo.

³²² Beka izandla zakho komunye nomunye. “Umkhuleko wokukholwa uyomsindisa ogulayo, uNkulunkulu uyobavusa.” Bambanani ngezandla, qhubekani nikhuleka, qhubekani nivalenele noNkulunkulu. Kuzolunga. O, zivaleleni noNkulunkulu, akukho izwi elingaqondakaliyo. LeloPhimbo elikuthshelayo, leloPhimbo elikhuluma nawe nguNkulunkulu, aKusilo izwi elingaqondakaliyo. Nina bantu bePentecostal benifanele nazi leloPhimbo likaMoya oNgcwele, aKusilo izwi elingaqondakaliyo. Lokho amandla aKhe angena kuwe. Kukholwe. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Ungakungabazi. Ungakungabazi, nqamula lelo lumbo lokungakholwa ngakuwe, makuthi uMoya oNgcwele angamele.

Nkosi, lamaduku, eGameni likaJesu, agcobele abagulayo nabahluphekileyo.

³²³ Ngenkathi nibeke izandla zenu komunye nomunye, uma ekhona lapha ongakaze akholwe ngaphambili, ofuna ukuvuma ukukholwa kwakhe, kulobubusuku, eNdodaneni kaNkulunkulu eBukhloneni bukaMoya oNgcwele, vele, ngeke ngikucele, woza e-altare, ume ngezinyawo zakho. Sukuma nje ume ngezinyawo zakho, uthi, “Ngifuna ukuvuma ukukholwa kwami, kulobubusuku. Bekubuthakathaka kakhulu, kodwa manje sengiqinisiwe, ngiyaMkholwa ngenhliziyo yami yonke.” Yima ngezinyawo zakho, noma ngubani ofuna ukwenza lesosivumo futhi athi, “Bengingakholwa, kodwa manje sengiyikholwa.” UNkulunkulu abusise. . . Uma kukhona noma yimuphi kini. . . Abanye benu sukumani lapho. . . UNkulunkulu akubusise, Mnumzane. UNkulunkulu akubusise, Mnumzane. UNkulunkulu akubusise, Mnumzane.

³²⁴ Omunye futhi ame, athi, “Ngimi njengobufakazi.” O, uzofuna kanjani Yena ukuba akumelele ngaloloSuku! “Lowo ozofakaza ngaMi...” UNkulunkulu akubusise. Omunye umuntu ame ngezinyawo zakho, athi, “Ngi... Manje ukukholwa kwami kuyaqina.” UNkulunkulu akubusise. “Manje, ukukholwa kwami kuqinisiwe.” UNkulunkulu akubusise. Sukuma ume ngezinyawo zakho, uthi, “Ngiyakholwa manje. Ngifuna wonke umuntu azi ukuthi ngiyakholwa ukuthi khona manje ngiseBukhoneni bukaJesu Kristu. Ngilibonile iZwi laKhe libonakaliswa. Ngikholwa ukuthi sisezinsukwini zokugcina. Ngimi lapha njengobufakazi. Ngifuna Yena abe muhle kimi, futhi asuse kimi konke okungafani naYe, futhi angenze ngibe ngowaKhe ngokuphelele.” UNkulunkulu akubusise, Mnumzane. Omunye, omunye. Woza.

³²⁵ Sukumani, besilisa, besifazane. Bangaki kini bantu abazovuma lokho, “Benginephutha, ngifuna ukuthatha uNkulunkulu manje”? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Manje, abashumayeli nabo bonke bamile. UNkulunkulu akubusise. Phezulu lapha, noma yikuphi lapho ofuna ukuba khona, phezulu kuvulandi osesitezi, yima ngezinyawo zakho bese uthi, “Manje ngiyakholwa, manje ngiyaKwemukela, benginokunqikaza okuncane, kodwa manje ngiyakholwa.”

³²⁶ Alikho izwi elingaqondakaliyo. UKristu usindisa izoni, uKristu wafela leyonjongo. Sukuma. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, wena, o, lonke iqembu, abaningi bamile. UNkulunkulu anibusise. Omunye? Qhubekani nokuma. “Ngiyakholwa, ngiyakholwa, manje ngiyaLemukela. Ngale kwanoma yiliphi ithunzi lokungabaza, manje ngiyakholwa eNdodaneni kaNkulunkulu. Manje ngiyakholwa ukuthi siphila ezinsukwini zokugcina. Manje ngiyakholwa ukuthi ngiseBukhoneni bukaJesu Kristu. Manje ngiyakholwa ukuthi iZwi laKhe liyaqinisekiswa, NgiyaLikhola, ngiyaLemukela.” Sukuma. Omunye na?

³²⁷ Baba waseZulwini, ngibakhulekela umkhuleko ngenhliziyo yami yonke. Ngibanika Wena, bayimiklomelo yoMlayezo. Bayimiklomelo yokuhambela kwaKho, ukuba lapha kulobubusuku, siKubona uhamba phakathi kwethu wenza umsebenzi ongakaze wenziwe selokhu kwasekelwa umhlaba, kuze kube yilezi zinsuku zokugcina. Nampa, bangabantwana baKho. Ngiyabanikela kuWe, Nkosi. Ubanike thina, futhi sibanikela kuWe. EGameni likaJesu Kristu babhekisise futhi ubavuse ngosuku lokugcina.

³²⁸ Ngingahle ngingakwazi neze ukubaxhawula kulomhlaba, kepha nxa impi isiphelile, sekukhale necilongo lokugcina, nabafileyo sebevukile ethuneni, nabaphilayo sebelwithiwe kanye nabo ukuhlangabeza iNkosi emoyeni, khona-ke kwangathi ngingaba nenhlanganyelo noJesu Kristu kanye nabo

ngasesiHlalweni sobukhosi naseminyakeni yaPhakade ezayo. Siphe khona, Nkosi. BangabaKho. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

³²⁹ Bonke abafuna ukubamukela enhlanganyelweni kaJesu Kristu, sukuma ume ngezinyawo zakho, ubazungeze, futhi ubaxhawule, ume eduze kwabo, ubaxhawule, uthi, “Wamukelekile, Mfowethu. Wamukelekile, Dadewethu. Wamukelekile, eMbusweni kaNkulunkulu.” Amen. Amen. Kuyamangalisa. Kuhle lokho. Makabongwe uNkulunkulu. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

³³⁰ Thola ibandla elihle manje, ubhaphathizwe, futhi ubize iNkosi ngoMoya oNgcwele. Manje, sonke asiphakamisele izandla zethu kuNkulunkulu futhi sicule, “Ng’yaMthanda, ng’yaMthanda ngoba Wang’thanda kuqala.”

Ng’yaMthanda, ng’yaMthanda
Ngoba Wang’thanda kuqala,
Wang’thengel’insindiso
Emthini waseKalvari.

³³¹ Nizizwa nikahle na? Thanini, “Amen.” Nizizwa sengathi nikhungathekile eBukhloneni bukaMoya oNgcwele lapha na? Manje, ngenkathi sisalricula futhi, asixhawulane nomuntu othile osohlangothini lwakho, uhlangothi ngalunye, phambi kwakho, nangemuva kwakho, njengoba silicula futhi manje.

Ngi. . .



IZWI ELINGAQONDAKALIYO ZUL62-0714
(The Uncertain Sound)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoMgqibelo kusihlwa, ngoJulayi 14, 1962, e-Open Bible Standard Church eSpokane, eWashington, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2023 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org